# AMANZI AHLALE EKHONA NJALO AVELA EDWALENI

Siyabonga kulokhukusa ngoBukhona beNkosi uNkulunkulu, okuzoqala izinkonzo zasekuqaleni ngokusinika umlayezo, ukuthi—ukuthi sifanele "silalele, sibe nenhlonipho" phambi kwaKhe, ukuthi Unokuthile ukuba akusho kithi. Ngiqinisekile ukuthi Uyokwenza lokho lokho Akwethembisile. Uhlala njalo egcina iZwi laKhe. Kanjalo nathi siyabonga ukubuthana ndawonye, siphila, futhi loluhlangothini lwePhakade kulokhu ukusa, futhi sikwazi ukukhonza iNkosi futhi, nokuzibuthela ndawonye futhi sizwe kuYe. Yileso izizathu sihlangana ndawonye, kungale inhloso kanye.

2 Manje, ngithe ukugasela kuMfowethu Neville, ngokungalindelekile, namhlanje, ngenxa yephupho elithile ebenginalo. Ukuthi . . . Ngikholwa kwi . . . Ngi . . . emaphusheni. Ngikholwa ukuthi uNkulunkulu usebenzelana nabantu ngamaphupho. Futhi ngibe nephupho elingavamile kakhulu, ebusukwini bakuthangi. Ukuthi, bengihamba ngasegqumeni, igquma elithile, ngiya endaweni yokudlela lapho ebengizoba nedina lami—lami khona. Futhi ngaqaphela ukuthi, lapho sengisondele eduze kwendawo, babedlala umculo, abashayi bezinsimbi ezikhalayo i-okhestra yayidlala umculo, ngamavayolini, futhi bebungaza abantu ngenkathi bedla. Futhi kwakukhona okuthile ngakho engingakuthandanga ngakho, ngakho-ke ngavele ngayedlula into. Futhi ngahlangana nomuntu othile eza ekhuphuka igquma. Futhi ngabheka, futhi abantu abaningi babeza bekhuphuka igquma kulendawo yokudlela. Kodwa ngathi ukubaleka kubo, ngaphendukela emuva ngakwesokudla, noma, ngakwesobunxele.

3 Futhi ngandlela thize, phansi esigodini, ngangingabona itabernakele. Ngezwa iphimbo lomuntu othize, wathi, "Hlangana noMfowethu Branham ezimpambanweni ezithize-thize. Uza wehla egqumeni phezulu lapho. Futhi umtshele into ewukuthi-no-kuthi." Futhi ngaphuthuma ukufika kulezi zimpambano.

4 Futhi ngenkathi umuntu ekhuphuka, kwakunguMfowethu Neville egqoke isudu yakhe ensundu, ebukeka njengoba nje ebukeka ehlezi lapho kulokhukusa. Futhi wathi, "Mfowethu Branham, uma uzoba sedolobheni," wathi, "kuyoba yi—yinto enhle kuwe ukuthi wehle, ngoba uMfowethu Hank . . . " Manje, lowo kuphela engimaziyo, uMfowethu Hank, nguMfowethu Henry Carlson, simbiza ngoHank. Wathi, "Angahle acabange

ukuthi kwakuxakile ukuthi awuzange uvakashele itabernakele ngaphezulu uma uzoba ngasedolobheni, noma ngasedolobheni elikhulu izinsuku ezimbalwa." Ngavuka.

5 Futhi, kulokho, ngazizwa ngithi ukuxaka. Angifunanga ukuzingqubuza ngaleso sikhathi seviki, kuze kuba ngicele uMfowethu Neville uma ubenanoma yini ekhethekile kulokhu kusa, yebandla. Ngakho ube nomusa, njengananinini, wathi, "Yehla." Ngakho, siyeza nje. Ngimbizile izolo sekuhambe isikhathi ntambama, futhi ungena kulokhu ukusa, ngokungalindelekile kunoma ubani wethu.

6 Manje ngikholwa ukuthi kuyoba into enhle, okokuqala, kimi kuthi ukuba uhlobo loku—ukunichazela ezinye izinto. Nginjalo, ngiyacabanga, umuntu oyinqaba kakhulu kubantu abaningi. Futhi ngithi ukuba yinqala kimi uqobo, futhi. Ngoba, ngizama ukulandela ukuhola kukaMoya oNgcwele, ngokuseduze nje njengengingakwenza. Futhi lokho kusenza sibe yinqaba, niyabo. Senza izinto ukuthi si—sihlala phansi ngempela futhi sizibuze ngezinye izikhathi, "Kungani ngenze into enjalo na? Ngize ngayenza kanjani into enjalo na?" Futhi khona lapho-ke ungahle ucabange ukuthi wenze khona kanye obungafanele ukwenze. Kodwa uma uzoba nesineke nje, futhi ube nokukholwa, futhi uqinisekile ukuthi uNkulunkulu ukuholele ukuba ukwenze, uzothola ukuthi kusebenza kahle impela. Niyabo? Futhi izikhathi eziningi sithola lokho. Futhi ngiyazi ukuthi uMfowethu Neville ukutholile lokho, izikhathi eziningi. Futhi abaholi nabantu bakamoya bayakuqonda lokho.

7 Sekube yisikhathi esithize empilweni yami ukuthi . . . Ngokukhuluma ngokusobala, kusukela ngisengumfana nje, angikaze ngizizwele khona kanye ukuhola ukuthi ngifanele ngihlale e—eJeffersonville. Kuhlale kuyimpukane emafutheni, kimi ukuzama ukuhlala lapha. Indawo yokuqala, isimo sezulu asihambisani kalusizi nami. Enye into, kubonakala sengathi kungukucindezeleka kukamoya.

8 Uma ubuyela emuva futhi ubheke ndawo ndawo lapha, uma kungazange kubhujiswe ngesikhathi sesikhukhula, kukhona incwadi kulowo mthelela, enganginayo, okokuqala ngibizwa enkonzweni, ngaqala ukuhamba. Futhi uMfowethu George DeArk nami . . .

9 Futhi umama kaMfowethu Graham Snelling, uMfowethu Hawkins ophethe isiteshi sokugcwalisa upethroli eNew Albany, nabantu abaningi, bahlangana nami ngaphandle kwendawo encane yomkhuleko ngapha. Futhi waze wathi, uma ngizohlala, babeyovumela abantwana babo etafuleni, u—ukwakha itabernakele, ukuze bangadingeki baphathwe cishe ukusuka endaweni uya endaweni.

10 Ngenkathi ngizwa lowo mama omncane, enengane eyodwa ibambelele esandleni sakhe nenye engalweni yakhe, uthi

uyothanda ukuvumela abantwana bakhe etafuleni, ukuze kwakhiwe indawo lapho babengahlala khona futhi bakhonze, kwakukukhudlwana kakhulu kimi ukuba ngime. Ngakho uMfowethu George nami sahlangana futhi sanquma ukuthi sizohlala futhi sakhe itabernakele.

11 Futhi lapho itabernakele selakhiwe, kuhlale kubonakala sengathi . . . Ukusa enganikela ngabo itabernakele, kwafika umbono, olotshiwe futhi usetsheni legumbi lapho, ngenkathi uMoya oNgcwele wawuthe kimi, "Leli akusilona itabernakele lakho." Niyabo? Futhi ngabuza ukuthi itabernakele lami lalikuphi, futhi Wangihlalisa phansi ngaphansi kwezibhakabhaka esikhanyayo eziluhlaza. Khona-ke Wathi, "Yenza umsebenzi womvangeli," nokunye nokunye, njengoba nazi. Kubhaliwe ngisho nasezincwadini.

12 Zonke lezo zinto zihlanganiswe ndawonye. Futhi ngelinye ilanga ngenkathi ngigunda igceke phezulu lapho lapho uMfowethu Wood ehlala khona manje, nomkhwekazi wami wayehlala lapho ngaleso sikhathi; ngahlala esitebhisini sangemuva, isitebhisi esincane esidala sikakhonkolo, ukuthi ngangakhele umkhwekazi lendawo encane lapho. Futhi wayewuhlobo lomlindi ebandleni ngaleso sikhathi, elinakekela. Futhi ngokucacile njengoba noma ngubani engakhuluma, iPhimbo lakhuluma nami, lathi, "Ngeke ngakubusisa neze uma nje usahlala kulendawo. Ufanele uzahlukanise nabantu bakini nalendawo." Awu, mina, lokho nje kwangidwengula ngaba izicucu, cishe iviki noma ngaphezulu.

13 Njalonjalo, sonke isikhathi, Into ethile iye yangixwayisa, "Hamba, hamba. Thuthela ngasentshonalanga. Qhubeka uye entshonalanga." Awu, ngi . . . Bekuhlala njalo kungikhathaza. Futhi kubukeka sengathi sonke isikhathi . . .

14 Manje, ngiye ngakwenza ngokucacile engqondweni yami ukuthi kuleliviki ngangindizela eTucson, lapho engangizoqasha khona indawo, ukuba ngibe lapho kulobu busika; ukufaka abantwana esikoleni, beqala ngoSeptemba. Ngibe nendawo. Kwakukhona ngisho nendawo enganikezwa yona lapho. Kodwa kukhona into ethize e . . . Futhi—futhi uma sengihambile . . .

15 Enye into engingathanda ukuyisho. Ngaphambi nje kokuba sakhe lendlu phezulu lapha, indlu yomfundisi, lapho ikhona manje, ngangingafuni ukwakha lapho. Umama womkami wayesekhulile. Futhi waze wakhala izinyembezi ngakho, wathi, "Angikwazi nje ukushiya umama lapha, nginokwazi ukuthi usemdala, futhi angahle anganakekelwa." Awu, ngakuqonda lokho. Ngiyaqonda. Lowo ngumama wakhe, futhi umama oyedwa vo ake waba naye, noma uyoke abe naye. Ngakho, ngakuqonda lokho. Ngakho-ke nga—ngakhuleka eNkosini, ngathi, "Nkosi, kungukuthi angiyithandi indawo," ngathi, "ngenze ngeneliseke. Ngizoya noma yikuphi lapho Ofuna ngiye

khona, noma ngabe yikuphi. Kodwa angifuni ukudabukisa umkami, ukumsusa lapha, aye ezweni angalazi lapho engazi muntu. Futhi-ke ngihambile ngaso sonke isikhathi, empeleni. Ngenze ngeneliseke nje ukuba ngibe lapha naye."

16 Futhi manje, lapho unina esethathiwe, futhi usehambile waya eNkazimulweni, khona-ke nakhu kufika ukuncenga futhi, niyabo, manje ukuqhubeka. Angazi ukuthi ngifanele ngenzeni.

17 Bese kuthi-ke ngolunye usuku ngenkathi lemfundiso abazalwane abayiqalile ngapha, ngama epulpiti isikhathi sokugcina ngangilapha futhi nganitshela ukuthi ngeke ngibe sensimini uma nje lokho kwakuhamba. Ngakho, abafowethu ngomusa baqondisa konke lokho. Konke sekulungisiwe. Ngaphakathi kwamahora angamashumi amabili nane, kwase kuphelile.

18 Manje lokho kuvula insimu futhi kimi. Angazi ukuthi ngenzeni. Angazi ukuthi iyiphi indlela yokuguqukela kuyo. Ngiyicelile iNkosi ngombono. NgiMcelile ukuba angitshele ukuthi ngenzeni. Kodwa Uvele angivumele ngihlale nje.

19 Manje, izolo ebusuku ngenkathi ngihambisa bonke abantwana, umkami nakho konke, endlini, ngenze ukuzinikela eNkosini uNkulunkulu. Futhi ngathi eNkosini uNkulunkulu, "Uma Uzongibusisa endleleni engiyihambayo, ngizoKukhonza. Kodwa Uzodingeka ungibonise ukuthi ngiye kuphi, nokuthi ngihambe kanjani, nokuthi ngenzeni." Ngakho, ngazinikela eNkosini. Ne—nenkonzo nakho konke, ngikunikele eNkosini. Futhi ngathi, "Nomaphi lapho Uvula khona, noma yini Oyenzayo, ngizohamba ngaleyo ndlela. Uze Ungenzele indlela, ngizoqhubeka nje njengoba nginjalo Uze wenze indlela." Futhi ngaMcela ukuba akwenze kucace ukuthi ngingeke ngisakhohliswa khona-ke, ngokuba ngiyakholwa ngempela ukuthi sisezimpambanweni-mgwaqo ngqo zento ethize ezokwenzeka.

20 Ngikuzwile kuprofethwa kulokhukusa lapha nguMfowethu Neville, noma wakunikeza lapho engaze khona ukuthi beku—bekuyisiprofetho leso abebhekisele kuso. Manje, ngakho-ke, nginikhulekele nonke, futhi ngidinga nonke ukuba nikhulekele mina, ukuze uMoya oNgcwele uzongihola khona kanye lapho engifanele ngiye khona, lokho engifanele ngikwenze, ukuze ngingezukwenza iphutha.

21 Niyabo, izikhathi eziningi, abantu bacabanga ukuthi isiphiwo sesiprofetho, ukuthi uNkulunkulu uthi nje "Ngizothatha khona *lapha,* futhi ngikuhlalise phansi *lapha*. Manje wena hamba uye nga*pha*." Futhi Akakutsheli zonke lezo zinto. Uma Ekwenzile, khona-ke yikuphi ukukholwa okunqobayo obenakho na? Niyabo? Uyabo, wena, Yena uyakuvumela ukuthi ume wedwa kunanoma ubani omunye. Niyabo? Nonke ningeza kimi futhi nicele izinto ezithize,

futhi Akakaze ahluleke namanje kodwa ukuthi Ukunike impendulo. Kunjalo. Ya. Kodwa ngingaMcela izinto ezingezami, futhi izikhathi eziningi Ungivumela ngibe ngedwa, niyabo, ungivumele nje ngiqhubekele phambili futhi ngihambe ngingene kukho.

22 Nginezinto manje engifanele ngizixazulule, nezinqumo engifanele ngizenze. Futhi lokhu ngokubaluleke kakhulu, kuze kube ngingakwazi ukukwenza ncamashi ngize ngiqiniseke ukuthi nguYe okhuluma nami. Futhi ngi—ngi . . . Akasoze anginike umbono. Uvele angiyeleke ngedwa nje. Ngakho-ke ngihleli nje njengentandane, njengokuthi, kulokhu ukusa, a—angazi ukuthi ngijikele kuyiphi indlela. Ngakho, ngikunikele eNkosini.

23 Ngi—ngizizwele kanjalo khona-ke, ekuphupheni lokho, ngifanele ngibuyele lapha etabernakele futhi ngisize uMfowethu Neville kuze kube enye into isanda kwenzeka nje ngasemgwaqeni. Ngakho-ke, ngizoba ngapha.

24 Ngibuze uMfowethu Neville emizuzwaneni embalwa edlule, "Beliqhubeka kanjani ibandla na?"

Futhi wathi, "Kahle."

25 Futhi ngakho ngiyezwa ukuthi nisenazo iziphiwo zangokomoya nezinto phakathi kwenu, esisebenzayo, iziphiwo zesiprofetho, no—nokukhuluma ngezilimi, nokuhunyushwa kwezilimi, esisanda kukuzwa nje emizuzwaneni embalwa nje edlule. Futhi lezo zinto zakha ibandla, futhi ngokukhulu.

26 Kodwa ngacabanga, mhlawumbe namhlanje ebusuku ngingahle, uma uMfowethu Neville . . . Uma uMoya oNgcwele akasiholeli kokuthile okuhlukile, kulobubusuku ngingathanda ukuba ne . . . Nonke, ngaphambi kokuba nihambe kulokhu ukusa, ukuba uzibhalele umbuzo bese uwubeka lapha, umbuzo othile engqondweni yakho, ukuthi singahle sithole ukuthi ibandla licabangani. Lokho kungaleyondlela abelusi abanayo ngokuthola nje lokho okusenhliziyweni yabantu. Futhi ngamunye wenu onombuzo, ubhale bese uwubeka lapha. Uma ungenawo uphisi wephepha uku—ukuwuletha kulokhukusa, khona-ke ubhale kulobubusuku, ngaphambi kwesikhathi. Ngakho-ke, ngingathanda nje ukuba nesikhathi esiningi ngangengingakwenza, kuyo, ukuyibhekisisa futhi nginiphendule ngokomBhalo.

27 Khona-ke uma iNkosi ithanda, uma kuyintando kaNkulunkulu; ngenze isitatimende lapha kungekudala, engingathanda ukukhuluma kini ngeziMpawu zokugcina eziyisikhombisa ze . . . zeSambulo. Manje uma si . . . Angikwazanga ukudlula kuzo zonke lezo ziMpawu kulo nyaka, ngoba kuthatha esahlukweni 6 seSambulo, kuye e—kuye esahlukweni 19, ukudlula kulezo ziMpawu. Kodwa

emithathu yokuqala noma emine yayo ingaphendulwa phakathi ngobusuku, ngiyacabanga, uPhawu ngalunye lube ubusuku.

28 Manje, uma siqonda, sibona lapho simi khona ngqo kuleyoNcwadi yeSambulo, lapho iBandla lahlwithelwa khona eNkazimulweni. Khona-ke konke okunye kuphathelene namaJuda, hhayi neBandla nhlobo. Kuphathelene nesizwe samaJuda. Ngakho-ke sifanele siqathakele emuva phansi, kusukela oHlwitheni lweBandla, futhi sithathe . . . Sibona lapha okwenzekayo ngalezo ziMpawu, nesikhathi seBandla labeZizwe. IBandla selihambile; futhi nesizwe sakwa-Israyeli, kuqathakela emuva kulethe u-Israyeli esuka esikhathini okwasuka nabo, kwenyukela esikhathini samanje; nokuza kukaMesiya, lapho beyomukela khona uMesiya.

29 Manje niyakuthola na? IBandla liyahlwithwa. UNkulunkulu wasebenzana kuqala neBandla, imiNyaka yeBandla. Sathatha lokho. Khona-ke iBandla liyahlwithwa liya eNkazimulweni. Khona-ke uMoya oNgcwele ubuyela emuva bese uthola u-Israyeli, njengesizwe. Futhi uwehlisela phansi kuze kube manje, ngenkathi iSidlo sakusihlwa soMshado sisaqhubeka, bese kuthi-ke uBabuyisa futhi ekupheleni kwaleso sikhathi. Ngizokwenyusa ibhlekibhodi lami, futhi ngikwazi ukukudweba futhi ngikufundise, uma sekufika isikhathi. Khona-ke iNkosi ibuya noMlobokazi, no-Israyeli uyambona. Futhi, o, kuyoba isikhathi esinjani pho!

30 Manje, ngaphambi kokuba sibophe lokhu ngokuqondile, kukhona isifundo esikhulu esiyisikhubekiso kosiyazi bezenkolo nabafundisi abaningi phasi ukudabula onyakeni, futhi abantu beChurch of Christ nalabo abazela ukuzozwa lokhu, lokho ngukuthi, amaSonto angamashumi ayisiKhombisa kaDaniyeli. Sine . . . Asikwazi ukuqhubekela phambili eSambulweni size sibophele uMlobokazi no-Israyeli ndawonye ngamaSonto angamashumi ayisiKhombisa kaDaniyeli. Futhi mhlawumbe, uma uNkulunkulu ethanda, ukuze kuthi uma Ezokhuluma nami esikhathini esizayo, ukukhuluma kwamanye alamaSonto angamashumi ayisiKhombisa . . . noma, hhayi amaSonto angamashumi ayisiKhombisa, kodwa iziMpawu eziyisikhombisa zokugcina. Khona-ke ngeSonto elilandelayo, ngizozama ukuthatha amaSonto angamashumi ayisiKhombisa kaDaniyeli, ngeSonto elilandelayo, iNkosi ithanda. Futhi khona-ke lokho kuzovula izinkundla khona-ke, uma Ezofanele asihole, ukuqala kwabanye. Awu, sizothola kusukela ngaleso sikhathi kuya phambili.

31 UMfowethu Neville nami sizosebenzisana kulokhu, futhi senza konke esingakwenza ukuze kuzuze abantu.

32 Manje, sibuyela emuva njalo, sikhulekela abagulayo, sihlale sijabula ukwenza lokho. Futhi cishe ngizokwenza yonke imihlangano, uma abantu begula, ukubakhulekela.

33 Angifisi ukuba ngisaba nokwahlukanisa. Niyabo, manje nakhu okwenzekile. Ngizamile. Futhi ngiyazi ukuthi ngenze izinto ezingalungile; kodwa ngiye ngazama ukuphila ngokusondele ngokwenele kuNkulunkulu, ngaso sonke isikhathi, kuNkulunkulu, yingaleyondlela lemibono ebiyokwenzeka, ukuthi yayiyokwenzeka kanjani. Ngisho nabantu bebeyolahlekelwa yizinto, futhi bangibize, bangicele ukuba ngiye kokhuleka eNkosini, ukubuza lapho kwakukhona. NjengoJese walahlekelwa iminyuzi, futhi abafana behla ukuyothola umprofethi, futhi wabatshela lapho iminyuzi eyayisivele ibuyele khona ekhaya. Okunye nokunye kanjalo, lokho kulungile ngokuphelele. Kodwa kuthola okuningi kakhulu kwakho, abantu abaningi kakhulu. . . Hhayi nje endaweni yangakithi njengalena; kusemhlabeni jikelele, niyabo. Ngakho kuthola nje, kungigcina ngidabuke kakhulu, bese-ke nginigcine onqenqemeni ngaso sonke isikhathi, kuze kufike endaweni . . .

34 Futhi-ke yilokho okwabangela abazalwane ukuba baqale imfundiso, ukuthi ngangingenwe yiNkosi uJesu Kristu. Futhi siyazi ukuthi lokho kuyodabula iNkonzo yonke ibe izicucu, futhi kulethe ihlazo phezu kukaKristu nakho konke. Niyabo? Ngakho leso yisizathu ngadingeka ukuba ngibanikeze ukunyakaza okukhulu, ukukumisa ngqo khona manjalo, ukubazisa ukuthi lokho kwakungesikho okukaNkulunkulu, lokho kwakungokukadeveli. Niyabo? Futhi bangabantu abalungile. Futhi kwabonisa ukuthi labo bangabantu abazelwe ngokusha ngoMoya kaNkulunkulu, ngoba, lapho bebone iQiniso ngomBhalo, babuyela kuNkulunkulu, ncamashi, niyabo, masinyane. Ngakho, lokho kwabonisa ukuthi kwakunguSathane ezama ukwenza okuthile ngabantu; bonke babesaba uNkulunkulu, abantu abangamaKristu.

35 Futhi kwenza abaningi babo bathi kimi, "Mfowethu Branham, sinokuthembela ngokwengeziwe kuwe manje kunalokho esake saba nakho."

36 Isizathu, niyabona ukuthini, ngesiphiwo uNkulunkulu angiphe sona, bengingenzani ngaleso na? Waphonsa isizwe ezinyaweni zami, noma, abantu. Lokho esikubiza ngokuthi *isizwe,* akusiyo i "kosmos" phandle lapha, o—okungenamsebenzi nokunye nokunye. Ngiqonde amaKristu, ikholwa langempela, lolo ulaza lwe. . . Sikhuluma nge*sizwe,* sishumayela nga "bantu abazelwe ngokusha," yilokho esikhuluma ngakho, isizwe. Hhayi nje wonke umuntu phandle lapha, lokho kungcolile kakhulu futhi inkucunkucu esiyiphilayo ezweni, lokho nje u—lokho nje uthuli lomhlaba olubuyela emuva. Ngikhuluma ngamaKristu azelwe ngokusha, abantu ongamaKristu angempela.

37 Ngilindele indoda ukuba igxumele kimi futhi ngento ethile. Omunye uza kimi kungekuda, wayesethi, "Wona kanye umbono, kaKristu ethimisela emhlabathini, ngamathe aKhe, nokwenza iqebelengwane futhi elininda phezu kwamehlo

omunye omuntu." Wathi, "Amanyala anje pho, ukungcola lokho okwakuyikho, ukuba Yena athimise, ngamathe aKhe aphuma emlonyeni waKhe! Ukungahlanzeki okunjani pho okwakuyikho, ukuthimisela ekungcoleni, nokwenza amaqebelengwane odaka bese ewagcoba phezu kwamehlo omuntu."

Ngathi, "Kodwa wabuya esebona." Niyabo, yilokho.

38 Futhi leyo ndoda efanayo! Bavula ikamu labahambaze enhla lapho ngasendaweni yami, niyazi, ichibi lokubhukuda. Futhi—futhi leyo ndoda inethikithi labo bonke abantwana bayo ukuba baye ezansi lapho futhi babhukude kulelochibi. Futhi yona nomkayo bayaya, nabo, kulelochibi. Ngiyaxolisa, bodadewethu. Kodwa lapho labo besifazane phakathi lapho bebhukuda, cishe ikhulu labo, noma amabili, nsuku zonke; abesifazane, wonke lawo manyala nezinto, futhi abesifazane namhlanje, futhi begeza kulawo manzi, lawo manyala nokungcola emilonyeni yabo, futhi bekugwinya futhi bekuphimisa. Ngifuna yena nje ukuba agxumele phezu kwami, niyabo.

39 Bathi, "Ukube—ukube uKristu wayephila namhlanje, babeyoMbopha ngaleyonto yokungahlanzeki."

40 Kuthiwani nga*lokho* na? Ngiqinisekile niyakubamba lokho engikushoyo. Bangena ngqo kulelo chibi, futhi abaningi babo benezifo, ugconsula, isipatsholo, nakho konke okunye, khona phakathi lapho. Futhi nje bekuphimisela emlonyeni wakho, nakho konke okunjalo, futhi begeza ngalapho phakathi lapho kanjalo. Futhi lokho kungukungahlanzeki, kusobala?

41 Ngakho, o, he, kulolusuku esiphila kulo, mfowethu, dadewethu! Isikhathi sokuFika kweNkosi! Futhi iBandla linethemba elilodwa, futhi lelo ngukuFika kweNkosi.

42 Awu, angikwazi ukumisa lezozinto; asikho isidingo. IBhayibheli selivele libikezele ukuthi bayoba lapha. Angikwazi ukubamisa. Kodwa ngifuna iphimbo lami libe sekuqoshweni eZulwini, ukuthi ngangimelene nakho, lapho kufika isikhathi sokwaHlulela. Ngangimelene nakho.

43 Ngisakholwa ukuthi leli Bhayibheli liyiZwi likaNkulunkulu. Khona-ke akukho okunye emhlabeni, okuphambene naLo, okungake kuliMise. Kodwa leli Bhayibheli lapha, leli yiQiniso, leli yiZwi likaNkulunkulu. Ngakho manje masivele sidonse nje oseyili bethu—bethu—bethu, bese siphonse ihange isikhashana sencike ogwini olunokuthula esiKhoselweni sokuPhumula. Futhi—futhi singantweza kusasa ndawo ndawo, kodwa ake nje sibambelelise okwehange manje futhi silalele iPhimbo likaBaba wethu waseZulwini njengoba Ubeyokhuluma nathi ngeZwi laKhe, siyathemba, namhlanje.

44 Futhi kulobubusuku, manje, lungisa noma yimuphi umbuzo omncane onawo ngakho. Manje, hhayi into eyolimaza othile. Uma wenza lokho, khona-ke lokho yi . . . Bengingewuphendule lowo, kwasekuqaleni, niyabo. Kodwa wena, enye into ethize,

uthi, "Awu, manje, uma ngenza into *ethize*, ngabe uNkulunkulu uthi sifanele senze lokhu na?" Noma, uyazi, imibuzo emincane enhliziyweni yakho. Noma, "Sineziphiwo ezihamba nathi, Mfowethu Branham, futhi sifanele sizisebenzise *ngale* ndlela noma *ngaleyo* ndlela na? Noma, sifanele senzeni na?" Into engingakuphendula yona emuva emBhalweni, niyabo. Bhala into encane. Ngizojabula. Futhi uma ingekho, khona-ke ngizovele ngithathe indaba yohlobo oluthile, futhi ngishumayele kini kulobubusuku, iNkosi ithanda. Leli yiSonto, futhi bengi . . .

45 NgeSonto eledlule ngaqala ukuwelela kwaMfowethu Cauble. Futhi ngezwa lensimbi yebandla ikhala, futhi ngahamba ngehla ngenyuka egcekeni. Angikwazanga ukukumela. Kwakuyilokho kuphela. Ngakuzwa, ngakho-ke nga—nga—ngadingeka ukuba ngehle.

46 Ngakho-ke manje masikhothamise amakhanda ethu manje futhi sikhulume noMenzi wethu, bese kuthi-ke ngezwi lomkhuleko. Ngabe ukhona noma ubani onesicelo esikhethekile na? Phakamisa nje izandla zakho, nje uthi, "Mina . . . " Kwenze kwaziwe. UNkulunkulu uyakwazi okusenhliziyweni yakho. Manje gcina nje isicelo sakho engqondweni yakho.

47 Nkulunkulu oNgcwele kakhulu, Owadala amaZulu nomhlaba ngeZwi lomlomo waKho, ngemicabango yengqondo yaKho. Singena eBukhoneni baKho, ngoJesu Kristu, iNkosi yethu, ukubonga Wena ngakho konke lokho Osenzele khona. Futhi siyabonga kakhulu kuWe, Nkosi, kulokhukusa, ukwazi lapho simi khona, ukwazi indawo esikuyo kulokhukusa, nomlando wesikhathi, nekusasa elizayo. Sazi namhlanje, ukuthi ngomusa kaNkulunkulu, ukuthi sihlanziwe eGazini laseKalvari, ukuthi silungiselelwe, sinokukholwa ezinhliziyweni zethu, ukuMhlangabeza uma Ezofika namhlanje. Sizofanele sithi, "Noma kunjalo, woza, Nkosi uJesu."

48 Futhi sibona isono siqonga, kuze kube kubonakala sengathi izwe liyabhadazela ngaphansi komthelela wesono. Kanjani ukuthi ukuphuza nokugembula, nokugonxa utshwala, nokuhambaze, futhi, O Nkulunkulu, amanyala, nokungcola nenkuncunkucu yabantu. Futhi kanjani bona, uma bebengaqonda, Nkosi! Ngabe labo bantu, abagqoka kanjalo kulezozingubo ezincane ezindala ezokungamhloniphi uNkulunkulu, futhi baphume lapho esitaladini, ngabe bayaqonda ukuthi abayilutho kodwa izilwanyakazana nothuli, ukuthi mhlawumbe ngelinye iviki izilwanyakazana zizobe zidla lowo mzimba abawukhazimulisa kangaka na? Ngabe bayaqonda yini ukuthi izinkumbi zizowudla nya na? Futhi umphefumulo wabo uzoba ngaleya ePhakadeni ngaphandle kukaNkulunkulu, ngaphandle kukaKristu, ngaphandle kwethemba, ucwila ekuphelelweni yithemba okujulile, ukubhujiswa kalula ekuFikeni kwaKhe. O Nkulunkulu, siphe amaphimbo e—

esexwayiso, ukuthi singahle sixwayise yonke imiphefumulo ngalengozi ababheke kuyo.

49 Yiba nathi namhlanje. Siphe "amazwi okuhlakanipha," njengoba uSolomoni wake washo kuMshumayeli, ukuthi siyoba "abakhi abahlakaniphile," ukuthi siyoba "abelusi balombuthano." Futhi siyakhuleka, Nkosi, ukuthi njengoba sifuna amazwi engawasho, ukuthi ayoba—ayoba uphisi ophelele oyobamba inhliziyo edinga kakhulu lapha kulokhukusa.

50 Asizile futhi sabuthana ngaphansi kwaloluphahla olushisayo namhlanje, ukuze sibonwe nje, kodwa size lapha ngenxa yokuthi siyaKuthanda, futhi ngenxa yokuthi sifisa ukuzwa okuvela kuWe. UyisiThandwa sethu esisithandayo, futhi sifisa ukuzwa amaZwi avela kuWe. Siyabonga ngalokho esesivele sikuzwile. Kuzohlala nathi isikhathi eside. Manje siphe ingxenye Osiphathele yona namhlanje, njengoba silinda ngokuqhubeka kuWe. Sikucela eGameni likaJesu, nangenxa yaKhe. Amen.

51 Manje seku. . .[Udade ukhuluma ngolunye ulimi. Umfowethu unikeza ukuhumusha—Umhl.]

52 Siyabonga ngalezi ziphakamiso ezivela kuMoya, zisitshela futhi zisixwayisa ukuba siqaphele amaZwi ukuthi mhlawumbe uMoya oNgcwele uzokhuluma nathi namhlanje. Futhi asazi nje lokho Asilondolozele khona, kodwa siyazi ukuthi kufanele kube khona into Azoyiletha ngaphambili. Mhlawumbe umbuzo usengqondweni yakho, ukuthi Uzokukhuluma ngapho. Angahle akukhulume ngoMlayezo kulokhu ukusa. Angahle akukhulume kulobubusuku enkonzweni. Yena, ndawondawo ngapha namhlanje, Uzama uku, kubukeka sengathi, xwayisa umuntu othile ukuthi abambe amaZwi.

53 Manje ukuphenya eZwini elilotshiwe, ake siwelele eNcwadini ka-Eksodusi, okwesifundo sikaSonto Sikole.

54 Unayo inkonzo yombhaphathizo na? [UMfowethu Neville uthi, "Qhabo, hhayi kuze kube yihora lesithupha kulokhu ukuhlwa."—Umhl.] Qhabo. Inkonzo yombhaphathizo ingelesithupha ngalentambama.

55 Masiye esahlukweni 17 sika-Eksodusi, futhi siqale nge—ngevesi 5, ngiyakholwa, ele 5 nevesi 6 lesahluko 17 sika-Exodusi.

> *INkosi yathi kuMose, Dlulela phambi kwabantu, uthathe amalunga akwa-Israyeli; nenduku yakho, owashaya ngayo umfula, yiphathe ngesandla* sakho, *uhambe.*
>
> *Bheka, ngiyakuma phambi kwakho. . .phezu kwedwala laseHorebe; futhi. . .*uyak*ushaya idwala, kuphume amanzi kulo, abantu baphuze. Wenze njalo uMose emehlweni amalunga akwa-Israyeli.*

56 Manje uma ngingabiza lendikimba encane kaSonto Sikole, ngingathanda ukuthatha lokhu njengendaba okwalesi sifundo sasekuseni, *AManzi Ahlale Ekhona Njalo Avela EDwaleni*.

57 Siyazi ukuthi u-Israyeli ubelokhu eyisibonelo somlando webandla. Isizathu, u-Israyeli wayengabantu bakaNkulunkulu kwaze kwaba baphuma eGibithe, bese kuthi-ke babeyibandla likaNkulunkulu ngoba babehlukaniswe kulo lonke izwe.

58 Futhi uma sehlukanisiwe nalo lonke izwe, khona-ke siba yibandla. Kodwa inqobo nje uma sisaboshelwe nalo lonke izwe, khona-ke asikho ebandleni. Manje ngithemba ukuthi lokho kuhamba kujule ngempela, kubamba indawo yakho. Niyabo, asisilo ibandla kuze kuba sehlukanisiwe nezwe. Sizahlukanise thina uqobo, siphume phakathi kwabantu abangahlambulukile, singasebenzisani nabo, futhi singabi ngabahlanganyeli bezono zabo. Ningaboshelwa ejokweni nabangakholwayo, kodwa nizahlukanise ezintweni zezwe.

59 Futhi ngenkathi u-Israyeli eseGibithe, babengabantu bakaNkulunkulu. Khona-ke ngenkathi bebizelwa ngaphandle, noma baba nophumo, bephuma, khona-ke babizwa ngokuthi ibandla, ngoba kwakungaleso sikhathi abazehlukanisa bona uqobo nalo lonke izwe.

60 Futhi lona kanye igama elithi *ibandla* lisho "ukubizelwa ngaphandle." *Eksodusi,* "phuma." Ngamunye wethu, njengamaKristu, uke waba nophumo empileni yethu. Sibe nesikhathi lapho sabizwa khona saphuma phakathi kwabahlobo bethu, sabizwa saphuma phakathi kwabantu esake sahlanganyela nabo, futhi saba ngabantu abahlukile, ukuhamba nabantu abahlukile abenza ngendlela ehlukile futhi abakhuluma ngendlela ehlukile. Kwakuwuphumo empilweni yethu.

61 Isibonelo esihle kakhulu u-Israyeli asinika sona, salapho uNkulunkulu ababiza khona ngaphandle. Baba nophumo, futhi baphuma phakathi kwa—kwabantu bezwe, futhi baba yisizwe esihlukanisiwe, kuNkulunkulu, abantu abayinqaba. Bahamba ngaphansi kwamathunzi esihlalo somusa. Baphila futhi bahamba ngeNsika yoMlilo enkulu. Futhi uNkulunkulu wabakhipha eGibithe, beya ezweni Ayelethembisile.

62 Futhi, kulolu phumo, banikezwa umholi wangokomoya, umholi, okwakunguMose, umprofethi omkhulu ogcotshiweyo owayeyi—yindoda enkulu. Wayeyindoda emesabayo uNkulunkulu, wazalwa eyindoda emesabayo uNkulunkulu. UNkulunkulu wambiza kunina, ngisho nangaphambi kwaleso sikhathi; uNkulunkulu wammisela ngaphambi kokusekelwa kwezwe, ukuba abe ngumholi kuleso sizukulwane, ukuletha lolu phumo kubantu.

63 Lapha esikhathini esithile esedlule, ngakhuluma kubantwana abancane lapha etabernakele, futhi ngaba

nentshumayelo encane yabo; futhi ngasho, noma ngibanika ukufanekisa okuncane kokuthi kanjani uJokebedi, wakhuleka kanjani, yena no-Amramu, ubaba kaMose, ngokwenza okuthile ngokukhulula abantu. Futhi u-Amramu wabona umbono kaNkulunkulu emile, noma iNgelosi, ikhomba ngasenyakatho, futhi yamtshela ukuthi kwakuzokwenzekani. Futhi uMose omncane wazalwa. Abeyesabanga imiyalo yenkosi, noma izinsongo. Babazi ukuthi uNkulunkulu wayenesandla saKhe kuMose, futhi lokho kwakuxazulula. Kunjalo. Kungakhathaleki ukuthi inkosi yathini, ukuthi izwe lezombusazwe lathini, ukuthi noma yini enye yathini, babazi ukuthi uNkulunkulu wayenesandla saKhe kuMose. Ngakho babengesabi ukumdedela, khona ngqo phakathi kwezingwenya; ngenkathi zonke zazikhuluphaliswe ngabantwana abancane bamaHeberu, lapho babondle khona phandle lapho izingwenya. Futhi nokho uMose wafakwa ngqo emkhunjini omncane futhi wathunyelwa ngqo phakathi kwezingwenya, phandle ngqo phakathi kwazo. Ngoba, babengesabi lutho, babazi ukuthi uNkulunkulu wayenesandla saKhe kuMose.

64 Awu, manje, uma singazi nje leyonto efanayo, ukuthi uMholi wethu omkhulu, uMoya oNgcwele, uNkulunkulu uMthumile. Futhi UnguMholi wethu. Futhi kungenandaba ukuthi izwe lithini, nokuthi bakuhleka kangakanani futhi bahlekise ngawe, silandela uMholi wethu! UNkulunkulu wathumela uMoya oNgcwele ukuba abe uMholi wethu. Niyabo? “Isikhashana izwe lingabe lisaNgibona. Nokho niyakuNgibona nina, ngokuba Ngiyakuba nani, ngibe kini, kuze kube sekupheleni kwezwe.” Ngakho, uMholi wethu omkhulu unathi, uMoya oNgcwele. Manje sifanele silandele lo Mholi futhi wenze nje njengoba Athi asenze. Futhi lo Mholi akasoze asisuse endleleni, Uyosigcina endleleni ngqo yomBhalo ngaso sonke isikhathi. Kodwa Akasoze aye ohlangothini *olulodwa* ngokuthile, na*lolu*hlangothi ngokuthile. Uzohlala ngqo ngokuqondile endleleni yemiBhalo.

65 Futhi uMose waba nendlela ukuthi wayefanele athathe u-Israyeli, bese elandela-ke anqamule ngqo uLwandle oluBomvu, khona ngqo anqamule iJordani, angene ngqo ezweni lesethembiso, aphumele ngqo adabule ihlane. Kwakungesiyena uMose owaphuma emgqeni. Kwakungesiyena uNkulunkulu engaphandle komugqa. Kwakungabantu bengaphandle komugqa, okwabangela inkathazo. Ngakho, ake sicabange ngalezizinto manje. (Uxolo.)

66 UMose, njengomholi ogcotshiweyo. Ekugcineni, lapho ebonise kubantu, ngezibonakaliso nezimangaliso, ukuthi uNkulunkulu yedwa ongakwenza, wenza lezi zibonakaliso nezimangaliso phambi kwamalungu akwa-Israyeli, naphambi kuka-Israyeli, baze baneliseka ukuthi lo Mose wayengogcotshiweyo owayezobakhipha kulelizwe, baye kulelozwe elihle ababelithenjisiwe. Khona-ke lapho

bebone khona lezizinto ezinkulu uMose azenza egameni likaNkulunkulu, babezimisele ukumlandela. Wabakhipha, futhi wabahola badlula oLwandle oluBomvu, bawela, babesemhlabathini owomileyo. Futhi bangena ohambweni lwasehlane, okusho isikhathi sokuhlolwa.

67 Uma umfo emukela uKristu njengoMsindisi wakhe, konke kusesisiqongweni sendlu. Kodwa, ngaphambi kokuba lomuntu akwazi ukungena embhaphathizweni kaMoya oNgcwele; lo muntu, ufanele kuqala abe nendlela eqhubekayo yokungcweliswa. Umelwe ukuba nesikhathi sokuhlolwa empilweni yakhe. Nonke nabanaso. Waba nalesi sikhathi sokuhlolwa. "Yonke indodana eza kuNkulunkulu, iqale ishaywe, iyalwe, ijeziswe. Futhi uma singeke simele isijeziso, khona-ke kubonisa ukuthi asisibo abantwana bakaNkulunkulu; singamavezandlebe, futhi hhayi abantwana bakaNkulunkulu," iBhayibheli lasho. Kodwa uma singakwazi ukumela isijeziso, sazi ukuthi "konke kusebenzelana kube ngokuhle kwabathanda uNkulunkulu," khona-ke singamadodana namadodakazi kaNkulunkulu, khona-ke Usibeka uphawu ngoMoya oNgcwele kuze kube usuku lokuhlengwa kwethu. Niyabo, leso yisijeziso, ubunzima, into esidlula kuyo.

Futhi u-Israyeli, njengesifanekiso somlando, wadingeka athathe lesi sijeziso.

68 Manje, ngenkathi babesezansi eGibithe, futhi uNkulunkulu wathumela uMose. Futhi welulela induku, futhi amazeze nezintwala zifika emhlabathini. Welulela ngaselangeni, futhi lashona. Wayilula phezu kwamanzi, futhi aphenduka igazi. Ngani, u-Israyeli wayengaphesheya kwelaseKhanani . . . ngaphesheya e—eGosheni, enesikhathi esihle kakhulu nje; ilanga alizange lishone, izinhlupho azizange zibashaye; ngani, babenesikhathi esihle kakhulu nje!

69 Njengoba nje wenza lapho uqala ukusindiswa. Konke, izinyoni zacula ngokwehlukile, futhi wonke umuntu wayenomoya omuhle. Futhi, o, he, kanjani konke kwakukuhle kakhulu lapho uqala ukusindiswa! Bese-ke kufika isikhathi sokuvivinywa, ukujeziswa, isikhathi sokungcweliswa, ukuzingcwelisa ezintweni zezwe, "ulahle okukusindayo okukuthandela kalula." Wena, indoda, wadingeka uyeke ukubhema kwakho, uyeke ukuphuza kwakho, uyeke ukuya kwakho endaweni yokubhejela, amaphathi akho amakhadi obusuku bonke. Zonke lezo zinto, wena wadingeka uzingcwelise kuzo, ngokukholwa eGazini likaJesu Kristu. Uzingcwelisa wena uqobo! Nina besifazane nadingeka niyekele izinwele zenu zikhule, nilule amalokwe enu, futhi nenze njengokuhlukile kunalokho enaniyikho. Isikhathi sokungcweliswa! Izikhathi eziningi bayohlubuka futhi babuyele emuva; awu, lowo akusuye umntwana kaNkulunkulu, niyabo. Umntwana kaNkulunkulu ubheka ngqo eKalvari, futhi uyazi ukuthi kungokokusiza yena.

70 Ngakho-ke leyondlela eqhubekayo yesikhathi, yilapho-ke ukuwa okukhulu kuza khona, kwa-Israyeli. Lapho lesi sikhathi esikhulu sokuminyana bengena, khona-ke abantu baqala ukuwa, kusukela kolunye uhlangothi kuya kolunye. Khona-ke ekuxoxisaneni kwabo, "Awu, sifisa sengathi sasisemuva ezansi eGibithe. Imiphefumulo yethu iyanengwa yilesi sinkwa esilula." Ngamanye amazwi, uma ngingakuthatha ngokomlando manje, yilokho abakushoyo.

71 Manje osukwini lwamanje, bekungaba, "O, njalo ngoLwesithathu ebusuku, umhlangano womkhuleko! Njalo ngeSonto ekuseni, buyela esontweni! Yini esiyizwayo na? Into efanayo; umshumayeli uyama bese eshumayela; amaculo; aqhubeke emuva." Niyabo, khona-ke uyahamba nje njengomugqa womsebenzi. Awusiye umkhonzi. Umkhonzi uya lapho ukuba akhonze, ukuba azizwakalisephambi kukaNkulunkulu wakhe, ukudumisa uNkulunkulu ngokulunga kwaKhe; kulo lonke iZwi, uxhomeke kuLo.

72 Njengokuthandana. Uma wawuhamba nentombazane ngoba wawazi ukuthi kwakuwumsebenzi, noma uhamba nomfana, lapho usesemncane. "Umama ufuna ngihambe nalo mfo, kodwa angikwazi ukumelana naye nje." Awutholi lutho lwakhe eza ezokubona. Noma, uma kuyindlela efanayo ngentombazane kumfana, noma umfana entombazaneni. Uhamba nayo, iyakudina; umama ufuna wena uhambe nayo ngoba iwuhlobo lwentombazane lowo mama alukhonzile. Niyabo, kuyakudina; akukho kuthandana. Kodwa awunandaba, awufuni ukuhlanza, awufuni ukuya koyibona. Futhi kuyi . . . Ngani, kuyinto esabekayo. Futhi lapho eza ukuzokubona, he, ufisa sengathi ebephuthuma, aye ekhaya.

73 Yileyo ndlela efanayo lapho wena, "Kungani eshumayela isikhathi eside kangaka na? Kuthiwani ngazo zonke *lezi* zinto, nakho konke na?" Uyabo, awukho othandweni.

74 Kodwa uma ubambelela ngempela kuwo onke amaZwi, njengoba uMoya uninikeze isixwayiso kulokhu ukusa, niyabo, "Nibambelele kuwo onke amaZwi." Lokho kungahle kube yilokho Akade ekhuluma ngakho. Ukubambelela! NgukuPhila okuPhakade, wonke amaZwi kaNkulunkulu. Kuyinjabulo ukuya ebandleni, ngaphansi kwanoma yisiphi isimo. Noma ngabe kuyashisa, kuyabanda, akunandaba, noma ngabe abantu bayaqophisana, bayahhonga, noma ngabe benza ini, kuseyinjabulo ukuzwa iZwi leNkosi. Khona-ke usothandweni-ke noKristu, uyabo, wena uyathanda ukuya ebandleni.

75 "Awu, s'thandwa, nanti iSonto ekuseni futhi, ngicabanga ukuthi sifanele sigeze abancane bese sehlela lapho. He, kuyisidina!" Uyabo, awukho othandweni.

76 Kodwa uma usothandweni ngempela, awukwazi nje ukulinda kuze kufike iSonto ekuseni, uzofanele wehlele

lapho kanye nabo. Futhi sithola, futhi ukuhamba . . . Abantu bakaNkulunkulu, abakudini. Ngani, ba—bangabafowethu nodadewethu. Njengoba ngangivame ukusho ukuthi, "Ubamkhulu njengotiligi waMabele ekuseni okubandayo." A—awugijimi, uhlala nje ndawonye, uyazi, uhlanganisa uthule uthi du. Manje, lokho kungukuzwakalisa okuwubul'hlaza, kodwa kunguku—ku—kungukuzama ukukutshela lokho engikuqondile, uyabo. Niyonamathelana. Futhi uma kubanda kakhudlwana, banamathelana kakhudlwana. Futhi yileyo ndlela obekufanele kube yiyo ngathi. Uma kubanda kakhudlwana . . .

> Lapho abangane basemhlabeni bekushiya,
> Yiba ulokhu usondela kakhulu kuYe unamathela.

77 Futhi lokho esikuthandayo, omunye nomunye, akusingoba ukuthi singumuntu othile; kodwa nguKristu komunye nomunye, esimthandayo, niyabo. NguNkulunkulu kithina, esimthandayo. Manje sithanda ukuhlangana ndawonye. Sasivamise ukucula ihubo elidala:

> Libusisiwe igoda elibophayo
> Izinhliziyo zethu othandweni lobuKristu;
> Inhlanganyelo yomqondo ofanayo
> Injengalokho ngaPhezulu.

Niyabo, inhlanganyelo yomqondo ofanayo injengeyalokho ngaPhezulu.

> Ngaphambi kwesihlalo sobukhosi sikaBaba wethu,
> Sithulula imikhuleko yethu eshisekelayo;
> Ukwesaba kwethu, amathemba ethu, izinhloso zethu kunye,
> Izinduduzo zethu neminako yethu.

78 Niyabo? Yebo, mnumzane! Uma oyedwa esenesibusiso, sonke sijabule ngaso. Uma oyedwa edabukile, sidabukile kanye naye. Thina, sifuna sonke sibe ndawonye. Manje yileyo ndlela esifanele sibe ngayo.

79 Futhi yileyo ndlela u-Israyeli ayefanele abe ngayo. Kodwa kuba umthwalo, "O, lesi sinkwa esidala esilula, isinkwa seziNgelosi! Awu, sikhathalela ini ngalesi sinkwa esidala esilula na? Imiphefumulo yethu iyanengwa yilento! Futhi konke akulungile. Futhi—futhi lemana endala ewa njalo ebusuku, ngani, singamane sibe nogalikhi othile futhi siphume eGibithe." Uyabo, izinhliziyo zabo zazingalulungele uhambo.

80 Futhi lapho indoda noma owesifazane eqala ukukhalaza ngokuya esontweni, bakhathele kakhulu ukuya esontweni, abalulungele uhambo. Kunjalo. Kukhona okungalungile ndawo ndawo.

81 O, uma uthanda uNkulunkulu, futhi ucabanga ukuthi uya eZulwini, futhi nonke nihamba ndawonye!

> Inhlanganyelo enje pho, injabulo yobuNkulunkulu enje pho,
> Ngencike eNgalweni yangunaphakade;
> O, yeka ukuthula okubusisiwe neNkosi yami kuseduze kangaka,
> Ngencike eNgalweni yaKhe yangunaphakade.

Yeka i . . . Sihlabelela lawo mahubo.

> Sabelana ngosizi lwethu ngokulingana
> Imithwalo yethu elinganayo siyayithwala;
> Futhi kaninginingi komunye nomunye ziyageleza
> Unyembezi lokuzwelana.
>
> Uma sihlukana ingxenye,
> Kusinikeza ubuhlungu obungaphakathi;
> Kodwa sisayolokhu sihlangene enhliziyweni,
> Futhi sethemba ukuhlangana futhi esikhathini somhlangano womkhuleko olandelayo. (Yebo, mnumzane, sisahlangene enhliziyweni!)

82 Manje silungela uhambo, uyabo, ulungele ukungena eZweni lesithembiso. Izikhathi zokuhlolwa, kunendawo eyingozi; ihlane, izikhathi zokuhlolwa.

83 U-Israyeli, ngesikhathi sakhe sokuhlolwa, waqala ukuxabana nokuqophisana omunye nomunye, nokunengwa yisinkwa. Futhi babefuna ukubuyela eGibithe.

84 Base-ke beqala ukukhalaza ngomholi wabo. O, bona wayesaba ukuthi wayezobahola abadukise; emva kokuba ezibonakalise ukuba abe ngumholi, futhi uNkulunkulu wayefakazisile ukuthi wayengumholi. "Awu, mhlawumbe siziphathise ngokuhlanya kancanyanyana. Futhi—futhi mhlawumbe sisuke, konke ngonyawo olungafanele." Noma, into ethile efana naleyo, uyabo. Babexoxisana ngokumelene noNkulunkulu noMose, uNkulunkulu nomholi waKhe.

85 Manje uma sifika endaweni, sithi, "Angazi noma iZwi liqonde *Lokhu,* noma qhabo. Futhi angazi ngoMoya oNgcwele; Ngimanqikanqika kancanyana ngaLokho. Ngazi abanye abangenjalo." Awu, qhubekela eGibithe. Niyabo?

86 Kodwa uma uzimisele ngempela ukuhlala emgwaqweni, hlala ngqo nalo Mholi, uMoya oNgcwele, hlala ngqo neZwi. Futhi uma uhlala noMoya, Uzokugcina useZwini. Kunjalo. Uzokwehlisela ngqo ngasemgqeni, indlela yeZwi. Futhi ungaWesabi. Ngeke Ulimaze lutho, Uzokusiza nje uma usebuhlungwini. Uzophulukisa bonke ubuhlungu, uMoya oNgcwele uzokwenza.

87 Manje sithola ukuthi, ngakulomgwaqo, emva sebe kanje, bafika endaweni yaseHorebe. Futhi iH-o-r-e-b-e, iHorebe, khona-ke siyathola. . . Ake sihlakaze lelo gama. Yilapho i—igama *Horebe* lisho "indawo eyomile" noma "ugwadule."

88 Futhi uma siphuma enhlanganyelweni omunye nomunye ebandleni, futhi siphume enhlanganyelweni noMoya oNgcwele, kusiletha endaweni eyomile, ugwadule, akukho lutho oluphilayo, konke kunonamathela kukho. Niyabo, u—ugwadule, ucezu oluncane lomdolofiya nalonamathela kuwo. Benazi ukuthi lokho kuyini na? Lelo iqabunga elincane eliyigugu elithambile elingabanga namanzi, lizilimazile nje ngokuqine kakhulu lize libe unamathela. Futhi uma ubona othile enjengalokho, mhlawumbe ngumphefumulo oyigugu ongabe uniselwe kahle, obungabe uyiqabunga elincane elithambile noma into ethile. Kodwa esikhundleni salokho, lizilimaze lona laze laba unamathela, lishaya ngesibhakela yonke into, niyazi, ukuthola iphutha. Into kuphela eliyidingayo amanzi nje. Yilokho kuphela. Kungukuthi nje lidinga nje i—imvuselelo, noma ukwephulwa, ukuhlumeleliswa okuvela eNkosini. Lizo—lizokwembula ubulona obuncane, uma uzolibeka nje emanzini.

89 Kodwa, yilabo labo abahlala kuleyo ndawo bafanele bahlupheke ngezimo zaleyo ndawo. Futhi labo abafisa ukuphila kulolohlobo lwesimo sendawo efanele, salapho konke kungukungqimuza nje nokuqophisana, nokuxabana nokushayela kanjalo, awu, uzophila nje ngaphansi kwaleso simo sendawo efanele, yilokho kuphela. Kodwa asidingeki siphile lapho, akudingekile kithi ukuba sihlale lapho.

90 Manje, leliHorebe laliyindawo lapho uNkulunkulu adikibaliswa khona ngabantu, ngoba babezulazula kule ndawo futhi babengene kulesi simo. Futhi Wababuyisela ngakuyo ngqo, ngenxa yokuthi babengayikuhamba endleleni. Baphuma e—emgwaqweni omkhulu, baphuma bawelela ngakulokhu olunye uhlangothi. Futhi-ke kwabangela uNkulunkulu ukuba enze okuthile okwakwesabeka kakhulu. Yena. . . Kwabangela uNkulunkulu ukuba enze uMose athathe induku yokwahlulelwa ayehlulele isizwe ngayo, futhi washaya iDwala, ukuveza amanzi.

91 Manje, kukhona isifundo esihle lapha uma singasithola nje, niyabo. Futhi ngoba siphuma kakhulu ekunakeleleni, futhi ukuboshwa izwe, nezinto, kwabangela uNkulunkulu athathe izahlulelo zezwe futhi ashaye iNdodana yaKhe uQobo ngazo, eKalvari, ukuze sikhululeke. Niyakubona engikuqondile na?

92 Manje, ukuze uyise laba bantu emanzini athize, emva kokuba sebewelele lapho, lendawo eyomile yenziwa iKalvari. Futhi lapho uNkulunkulu watshela uMose, Wathi, "Thatha induku namalunga, uphume, mina Ngizokuma eDwaleni phambi kwakho." Futhi leliDwala lalinguKristu. Futhi uMose, enenduku ayelethe isahlulelo esizweni sakwa-Israyeli, wathatha

lenduku efanayo wase eshaya izahlulelo zikaNkulunkulu phezu kweDwala. Niyabo? Wathatha izono zabantu phezu kwalenduku. Okungukuthi, wayefanele ngabe washaya abantu. Esikhundleni sokushaya abantu, washaya iDwala. Futhi iDwala, ngomsebenzi kaNkulunkulu, laletha insindiso, laletha amanzi kubantu ababhubhayo. Laletha ukuphila kubantu abafayo. Futhi yilokho uNkulunkulu akwenzayo ngokuthatha indukwana yaKhe—yaKhe yenduku yokwahlulela, futhi wazungelezisa izono zami nezono zakho ngakulenduku; lapho kwakufanele ngabe isishayile, kodwa yashaya uKristu; ukuthi kuYe kuphuma *amanzi,* okusho u "Moya," uMoya oNgcwele waphuma kuYe, ukusinika ukuPhila. Manje sinokuPhila okuPhakade. Manje, lelo Dwala lalinguKristu. Manje sifuna ukuqaphela.

93 Ngibone imidwebo eminingi yezinjulamqondo yaleliDwala. Ngibone owodwa ogxekayo kakhulu, kungekudala, kuze kube lapho kwakukhona i—idwala elincane lilele phezulu esiqongweni segquma. Futhi—futhi uMose wayefanele ngabe washaya leli dwala, futhi u-Israyeli wayesezansi phakathi lapho enenkomishi yetiye, ebaphuzisa ngokufafaza okuncane okwaphuma kuleli dwala. Manje lowo ngumqondo womuny'umuntu nje.

94 Kodwa lapho leliDwala liveze amanzi aLo, kwakunabantu abangaphezu kwezigidi ezimbili, ngaphandle kwezinkabi, amakamela, nakho konke okunye okwaphuza emiphingolweni yamanzi avela kuLo. Kwakuwumfudlana ophophozayo owaphuma lapho!

95 Yileyo ndlela abazama ngayo ukwenza uKristu, uMoya oNgcwele namhlanje. "Kungukufafaza okuncane nje." Niyabo, ngokwanele nje ukukwenza wena ukholwe ukuthi kukhona uNkulunkulu. Qhabo.

96 Kuyinala yamanzi! UDavide wathi, "Indebe yami iyachichima!" Kungukuphophoza kukaMoya oNgcwele.

97 Abantu bayaLesaba. Abanye abantu bathi, "Awu, ngiyesaba nje kancane ukuthi ngizokwenza *lokhu* noma *lokho,* noma uma kwenzeka ngihamba ngijule kakhudlwana. Ngingakubonisa othile ohambe kade kakhudlwana." Kodwa awulokothi ukhombe lowo ongahambanga kude ngokwanele. Niyabo? Yebo, kuthiwani ngalabo abangazange bahambe kude ngokwanele na?

98 Manje, siye saba nabantu abathile abangena enyameni, bahamba ngonyawo olungalungile. Futhi—futhi hhayi uNkulunkulu, kodwa abantu bathola. . .Ngenxa yobuholi obungalungile, nokunye okunye, kwabadedela bahamba ngonyawo olungalungile, futhi bangena ebuhlanyeni. Futhi-ke izwe lonke, udeveli uyabakhomba, "Niyakubona lokho! Niyakubona lokho!"

99 Awu, ake ngime kulokhukusa futhi ngikhombe emuva kulezi zikhathi eziyizigidi ezingamashumi ngaphezu kwezingakaze ngisho ziqale. Kuthiwani ngazo na? Niyabo, bukani isimo sabo. Bheka umfo ofana no-Eichmann namhlanje, ephakeme kunakho konke. Bathi, "Amapentekoste awanandlela efanelekile yokuziphatha futhi anobubhimbi, futhi awafundile," nokunye nokunye okunjengalokho. Bukani u-Eichmann, omunye wamadoda afunde kunawo wonke emhlabeni. Futhi wabulala, abantwana abayizigidi eziyisithupha nabesifazane namadoda, imiphefumulo eyizigidi eziyisithupha. Awufuni ukukhomba kumuntu onjalo.

100 Kodwa omunye umfo omncane owayengakwazi ukufunda, neze, wabiza mhlawumbe igama elithile leBhayibheli ngokungeyikho, futhi, noma mhlawumbe washo okuthile noma wenza okuthile okungalungile, noma wenza iphutha, amaphephandaba afuna ukubhala kuyo yonke indawo, futhi uthi, "Awafanele athenjwe."

101 Khona-ke uma lokho kungenakuthenjwa, kungani kungabi imfundo, izinto kanye nabanobuhlakani abanabo namhlanje na? Bukani u-Adolf Hitler. Bukani ubuchopho bezwe namhlanje. Babukeni. Isisho esidala, "Isoso lesikhukhukazi lehansi isoso leqhude lehansi."

102 Into ofanele uyenze nje ngukwazi, ngoMoya oNgcwele, ukuhlukanisa okulungile nokungalungile, futhi uthathe okulungile nokungalungile.

103 Manje, sithola ukuthi leliKalvari ababenalo, namanzi okuphila aphophozela kubantu.

104 Manje, abanye abantu banakho phezu kwezinhliziyo zabo nenqondo, lokho konke u-Israyeli akuphuza, futhi-ke bapakisha amakamela base bebophela izihintsho zabo emahhashi abo, nokunye nokunye, futhi bathatha abantwanyana babo futhi bahamba bangena kwenye indawo ethile, futhi bashiya iDwala lapho, ukufafaza. Lokho akulungile.

105 LeloDwala labalandela, nalawo manzi abalandela. Manje kwabaseKorinte bokuQala, isahluko se 10, ngiyakholwa, nevesi le 11, ungakuthola, ukuthi "LeloDwala lalandela u-Israyeli." Nomaphi lapho baya khona kusukela kulolo suku kuqhubeke, iDwala lahamba kanye nabo, futhi amanzi abalandela.

106 Isifanekiso esihle kanje pho, futhi i—isibambo esihle nehange lekholwa namhlanje, elaziyo ukuthi leloDwala elake lashaywa, ukuthi aManzi ake athululwa eKalvari, ahamba nathi nomaphi lapho sikhona. O, he! Akusikho ukubuyela endaweni ethile, bese uthi, "Awu, sibenawo aManzi kuthangi, laphaya." SinaManzi namhlanje, khona lapha, ngoba leloDwala lalinguKristu! Futhi uKristu unguye izolo, namuhla, naphakade.

107 Niyabo, leloDwala lalandela u-Israyeli. Abazange balilandele iDwala, kodwa iDwala labalandela. Amen. U-Israyeli waqhubeka ohambweni labo. Babenento eyodwa ukuba bayenze, lokho ngukuthi, gcina indlela eqondile, uqhubeke ngqo ungene ezweni lesethembiso. Futhi iDwala namanzi kwabalandela.

. . . i*Dwala* li*ba*landela*:* . . .

AbaseKorinte bokuQala bakutshela kanjalo, isahluko 10. Kulungile.

. . . *leloDwala lalinguKristu.*

108 UNkulunkulu wathatha izahlulelo zabantu wase ezibeka phezu kukaKristu, futhi waMshaya. Nike naqaphela, kwakunomfantu eDwaleni, kusukela ngaleso sikhathi kuqhubeke na? IDwala lalinomfantu kulo, lapho uMose ashaya khona. Futhi uKristu wayenomfantu, ngenkathi Eshaywa, "Yalinyazwa ngenxa yeziphambeko zethu, ngemivimbo yaYo siphilisiwe." Kulokho kuPhila kuvela aManzi okuPhila esiwajabulela kakhulu namhlanje!

109 Manje, ukuze uthole lokhu kuPhila, khumbula, ukuPhila kukaKristu kuhlala neBandla. Haleluya! O, uma besingayibambelelisa okwehange imicabango yethu lapho okwemizuzu eyishumi elandelayo! UKristu akalishiyi iBandla. "Ngiyoba nani njalo, kuze kube sekupheleni kwezwe." Ngabantu abashiya uKristu, hhayi uKristu eshiya abantu. Abantu baLishiya, ngokungakholwa kwabo. Bashiya uKristu, hhayi uKristu eshiya abantu.

110 U-Israyeli washiya umfudlana, hhayi umfudlana ushiya u-Israyeli. Niyabo? Ngokuba, iBhayibheli lisho ngokucacile ukuthi, "IDwala namanzi kwalandela u-Israyeli." Kwabalandela! Nomaphi lapho baya khona, Lahamba, nalo.

111 O, ngingathanda, kulokhukusa, ukuba besinesikhathi, ukuphenya ngale esahlukweni 1 sikaJoshuwa, lapho Athi, "Yonke indawo amathe ezinyawo zakho ayakunyathela khona, Ngikunike lona. Nomaphi lapho uya khona, iNkosi uNkulunkulu wakho inawe. Ungesabi muntu. Yima isibindi! Nomaphi nje lapho unyathela khona, Ngilapho ngqo nawe, kungenandaba ukuthi kukuphi." UNkulunkulu ehamba noJoshuwa!

112 UNkulunkulu ofanayo uhamba neBandla laKhe kulokhukusa. Ake siphuze kuloMthombo ngaleya. Nomaphi lapho unyathela khona, kulapho uNkulunkulu azoba nawe ngqo khona, ukunisela khona nokukupha ukuPhila. "Ngizoba nawe njalo, kuze kube sekupheleni komnyaka." UKristu onguye izolo, namuhla, naphakade. Imithetho kaNkulunkulu.

113 Manje wena uthi, "Khona-ke, Mfowethu Branham, kungani kungukuthi asizenzi izinto khona-ke esifanele sizenze na? Kukanjani ukuthi iziphiwo zethu nezinto ebandleni ayiwuvezi

umbala wayo, lapho okufanele ngabe ikhona na? Kanjani ukuthi ibandla lethu aliziphakamiseli endawaneni lapho okufanele libekhona na?" Abantu, esikhathini sokuvivinywa, bayayeka njengoba u-Israyeli enza. Bacabanga ukuthi uNkulunkulu ubashiyile.

114 Kodwa, khumbula, iDwala alizange lishiye u-Israyeli. U-Israyeli washiya iDwala, wakhohlwa ngeDwala likanye nabo ngaso sonke isikhathi. Lalilapho ngqo, lahamba ngqo kanye nabo ukuya ekupheleni komgwaqo. "Labalandela." Lalingaqhelile ebangeni lokukhuluma. Lalingaqhelile ebangeni lokuzwa. Noma, lalingaqhelile ebangeni lokubona.

115 Kanjalo noKristu akakwenzi! NgeBandla namhlanje, Akaqhelile ebangeni lokukhuluma. Abanye benu bahlubukile, futhi benze lokho okungalungile, futhi ulahlekelwe yileyo njabulo, futhi aManzi akho asomile. Usesebangeni lakho lokuthi ungakhuluma. Ulandela wena. Wazi wonke umnyakazo owenzayo nakho konke okwenzayo. Ulangazelele ukukuzwa uMbizela esigcawini.

116 Futhi lomnyakazo wepentekoste omkhulu namhlanje, uNkulunkulu ukulindele ukuba uMbizele esigcawini. Awukho ngaphandle ebangeni lokukhuluma naYe. Nakuba senze okungalungile, futhi sona, futhi saMfulathela, futhi—futhi senze izinto ebesingafanele sizenze, kodwa nokho Unathi. UKristu wathi uyoba nathi.

117 IBhayibheli lathi, "Amanzi alandela abantwana bakwa-Israyeli." Lapho sebomile, bazi ukuthi amanzi ayeseduze.

118 Manje, lezizinto zilawulwa yimithetho. Zonke izinqubo zikaNkulunkulu zihlelwa ngemithetho. Manje sizothatha . . . Masime okomzuzu.

119 Ake sithathe umhlaba. Uyajika, njalo amahora angamashumi amabili-nane wenza ukuphenduka okuphelele, okuphelele kakhulu. Ukuthi, asikaze sikwazi, ngayo yonke isayensi yethu, ukwenza iwashi ligcine isikhathi esiphelele. Njalo kanye esikhashaneni, amawashi adlula onke abake bawenza, ekuhambeni konyaka, ayozuza noma alahlekelwe imizuzu eminingi. Kodwa umhlaba awehluleki kepha ukuthi ulapho ngqo emzuzwaneni. Kuphelele kakhulu kangangokuba ososayense namhlanje, izazi zezinkanyezi zingakutshela, eminyakeni engamashumi amabili kusukela manje noma eminyakeni engamashumi amahlanu kusukela manje, ncamashi nje ilanga nenyanga kuzodlulana. Lapho uphenduka umzungelezo wamahora angashumi amabili nane, futhi uguqula isikhathi sawo ngasemkhondweni wokuhamba kwawo okuvamile okwenkathi yonyaka, awukugeji ukushaya kokuhamba komzuzwana. Haleluya! Kungokuphelele, ngoba uhamba ngokomthetho kaNkulunkulu.

120 Bazi kahle-hle ukuthi lokho kuhlehla nokubuya kolwandle kuzophuma nini, ngomzuzu nje, ngoba bayazi ukuthi inyanga izokwehla nini. Futhi uNkulunkulu unakho konke kuhleleke ngokomthetho. Futhi lapho leyo nyanga yehla, ukuhlehla nokubuya kolwandle kuhambisana nayo. Uma leyo nyanga ikhuphuka, nakhu kuza igagasi nayo. Futhi bazi kahle-hle, ngokukala isikhathi, lapho leyo nyanga izokwehla khona. Bangakubeka ekhalendeni le-almanaki iminyaka ngaphambili, futhi bakutshele, kumzuzu, lapho lelogagasi lizoqala ukwehla. Impela, ngoba yileyo ndlela inyanga ephuma ngayo, ngoba imiswe ngomthetho kaNkulunkulu.

121 Ngangimile, ngelinye ilanga, ngakwiLake Michigan. Futhi ngawelela kwiLake Superior, endleleni yami eya eCanada, lawo manzi amakhulu. Futhi ngama lapho, ngase ngicabanga, "Kungamamayela amangaki ukunqamula lamanzi amakhulu aqondile lapha!" Khona-ke emva kokuba sengiwele iMich-. . .noma iLake Superior, bengingangena eMichigan, cishe ubukhulu obulinganayo bamanzi. Futhi ukuya lapho, kusukela kwiLake Superior uya kwiLake Michigan, ukusuka kwiLake Michigan uya kwiLake Ontario, futhi nje. . .neHuron, nawo onke amachibi ndawonye. Zingaki izigidigidikazi ziphindaphindwe kazigidigidikazi ziphindaphindwe kazigidigidikazi, futhi imiphongolo engenakubalwa yamanzi ahlanzekile alele ngaphakathi kwalelo chibi!

122 Futhi ngapheseya eNevada, naphakathi e-Arizona, eNew Mexico, eEastern California, kulele izigidi zama-eka ome nkwe, umhlabathi ovuthayo. Ovundile ngangokuthi, uma lawo manzi abengake afike kulowo mhlabathi, lesi sizwe sesingondla umhlaba, singenabo abantu abalambile, futhi sibe nenala ukuyiphonsa olwandle. Kunjalo! Izigidi zama-eka ebeziyomila amathani aphindaphindwe ngamathani ayizigidi amazambane neklabishi, nobhontshisi no—nolethisi, neledishi isilimo esifana bobhithrudi nesilimo esidliwayo esinamagatsha anamanzi, namakhukhamba, nokunye nokunye. Umhlabathi obukuyokukhulisa, ku—kulangazelela nje amanzi.

123 Futhi nanka amanzi phezulu *lapha,* futhi nanku umhlabathi phansi *lapha*. Manje singakubona, futhi siyazi ukuthi kuyokwenza, ngoba singahlola amanzi futhi sibone ukuhlanzeka kwawo, futhi sihlole inhlabathi futhi sibone ukuvunda kwayo. Manje, konke ukufisa esingakwenza, akusoze kukuhlanganise ndawonye. Kodwa, kukhona umthetho, futhi lowo mthetho ungamandla adonsela phansi. Manje, uma besiyosebenza ngokwamandla adonsela phansi, besinganisela konke okunci kwalelozwe, sithatha amanzi emachibini futhi silinisela. Kodwa sizodingeka sisebenze ngokomthetho wamandla adonsela phansi. Asikwazi ukukufisa kuphume lapho. Asikwazi ukumemeza kuphume lapho. Asikwazi

ukukumpongolozela kuphume lapho. Sizofanele sisebenze ngokwemithetho yamandla adonsela phansi, ukuze sikuthole lapho. UNkulunkulu ubeka yonke into emthethweni.

124 Lapha, bengicabanga, angazi noma ngake nganitshela yini lokhu, noma qhabo. Ngangisezansi eKentucky, ngizingela izingwejeje, noMfowethu Wood, cishe sekudlule unyaka. Futhi thina. . . Izingwejeje yayithi ukuswelakala, futhi ngakho-ke sawelele endlini yomfo, ukuze sithole ngokuzingela. Indoda yayinama-eka amaningana omhlabathi, futhi kulomhlabathi kwakunamahlathi amaningi. Kodwa uMfowethu Wood wangitshela, ukuthi, "Indoda ngumphikinkolo. I—ingongakholwayo." Ngakho wathi wayeyazi, ngakho yena. . . noma ubaba wakhe wayeyazi, wayewela futhi acele uma singaba nemvume ukuba sihambe siyozingela.

125 Sashayela senyukela endaweni yendoda ehloniphekile. Futhi yona nenye indoda, bobabili base besemashumini abo ayisikhombisa, babehlezi ngaphansi kwesihlahla sama-apula. Futhi uMnu. Wood waya kulendoda, futhi wathi kuyo, "Ngingazingela yini kancanyana endaweni yakho na?" Futhi yathi, "Awu," yathi, "kungile." Yathi, "Ungumuphi uWood na? Ngabe ungumfana kaJim Wood na?"

Wathi, "Nginguye."

126 Yathi, "Awu, uJim omdala wayethembekile, kanjalonjalo." Yathi, "Ungazingela nomaphi ofuna ukuzingela khona, endaweni yami. Nginamakhulu amaningi kakhulu ama-eka lapha, zisize. Yehlela kulabo bampongolozi, nomaphi lapho othanda ukuya khona. Zenzele ube sekhaya nje."

127 Ngahlala emotweni, ngoba ngangicabanga ukuthi umshumayeli nomphikinkolo ngeke bahamba kahle ndawonye, uma sasizocela umusa womphikinkolo.

128 Ngakho-ke emva kwesikhashana, uMfowethu Wood wathi, "Awu, manje, ngingaba nomelusi wami kanye nami na? Ngiqagele kuzolunga ukuba yena eze nami."

129 Futhi lendoda endala yaphenduka endukwini yayo yokudondolozela, yase ithi, "Wood, uqonde ukungitshela ukuthi uye wehla phansi kangaka, uze udingeke ube nomshumayeli kanye nawe nomaphi lapho uya khona na?"

130 Futhi ngakho ukuthi, ngacabanga, emva kwalokho, kungcono ngiphume emotweni. Ngakho ngaphuma emotweni, ngase ngikhuluma kumnumzane ohloniphekile omdala imizuzu embalwa. Futhi wangazisa ngokushesha impela ukuthi wayengenamsebenzi kakhulu ngabashumayeli, ngoba wayecabanga ukuthi babekhuluma ngento abangazi lutho ngayo.

131 Wathi, "Bavele bakhalise okwemvu entweni abangazi lutho ngayo. Awu," wathi, "uma umuntu ekhuluma nami,

ngifuna ukuba azi ukuthi ukhuluma ngani." Manje, lowo ngumqondo omuhle. Lowo ngumqondo omuhle. Wathi, "Manje, uma umuntu ekhuluma kimi, angifuni akhulume ngento ethile, enye, ukucabangela angazi lutho ngakho. Ngifuna akhulume into aziyo ukuthi ukhuluma ngani." Awu, ngakwazisa lokho. Ngakuhlonipha lokho kwindoda ehloniphekile endala.

132 Futhi ngakho ngathi, "Awu, kusobala, yilowo nalowomfo embonweni wakhe."

133 Futhi wathi, "Kwakukhona umshumayeli oyedwa ofika lapha kulelizwe, eminyakeni embalwa edlule, owayenomhlangano ngaleya e-Acton." Futhi wathi, "Lo mshumayeli, ngobunye ubusuku, eyisihambi ezweni, wathi e—enenekazini elalihlezi ezethamelini, 'Uneduku ephaketheni lakho. Futhi wena unguNkk. *S'bani-bani*. Futhi unodadewenu ogulayo ngaleya egqumeni lapha. Igama lakhe ngu*S'bani-bani*. Uyafa, ngomdlavuza esiswini.' Futhi wathi, 'Thatha leliduku bese ulibeka phezu kukadadewenu, bese umtshela, "ISHO KANJE INKOSI, akazukufa, kodwa uzophila."'"

134 Wathi, "Lona wesifazane ofanayo wayengumngane wethu." Futhi wathi, "Sathatha lo wesifazane . . . Senyusa leliduku; noma le ndoda, kumuntu." Okokuqala wathi, "Lo wesifazane, umkami nami sasikade siphezulu lapho ngalokho kusa futhi sasithathe, salinda lo wesifazane. Futhi wayemubi kakhulu! Odokotela base bemdelile, esikhathini eside esedlule. Wayemubi kakhulu saze sadingeka simhambise ngeshidi, simphakamise ukuze simbeke epoweni yombhede, simbuyise. Simphendule eshidini, wayemubi kakhulu." Wathi, "Ngobunye ubusuku, laphaya, nakho kuza umsindo njengokungathi babenomuntu owayefile."

135 Lokho kwakunguBen ngapha, naleloduku, eliwelisela lapho. Ngikholwa ukuthi kwakunguwe, kwakungenjalo, Ben na? [UMfowethu Ben uthi, "Amen. Amen."—Umhl.] KwakunguMfowethu Ben ngaleya, ethola lelo duku, ngoba wawelisa owesifazane ngaleya.

136 Futhi wathi, "Ngokusa okulandelayo, wayedla ophaya bama-apula athosiwe." Futhi wathi, "Akenzi nje kuphela umsebenzi wakhe, kepha wenza nomsebenzi kamakhelwane. Wayesinde kakhulu!" Wathi, "Manje bengihlale ngizibuza. Uma ngiyoke ngimbone lowo mshumayeli, wayekwazi ayekhuluma ngakho," wathi, "ngi—ngingathanda ukukhuluma naye."

137 UMfowethu Wood wangibheka, futhi ngambheka. Ngimi lapho, ngingcolile, futhi nginomjukulo futhi ngingcolile, ngangikade ngikhempe emahlathini, ne—negazi lengwejeje phezu kwethu. Futhi ngakho ngathi, "Awu," ngathi, "ngabe . . . Uqonde ukuthi ubungakhuluma nalomfo futhi ubeyokutshela ukuthi wakwenza kanjani lokho na?"

Wathi, "Yebo, mnumzane, yilokho engikushoyo."

Ngathi, "Awu, leyo yi—leyo yinto enhle."

138 Ngangidla elinye lama-apula akhe. Ama yelo jakethe amadadlana ayewadla lapho, niyazi, ekwindleni yonyaka, ngo-Agasti. Ngakho nganginaleli-apula elincane, futhi ngase ngililumile. Ngase ngithi, "Lelo yi-apula elihle kakhulu." Ngathi, "Sesibe nesikhathi eside kangakanani leso sihlahla lapho na?"

139 "O," wathi, "Ngatshala leso sihlahla lapho, eminyakeni engamashumi amathathu noma engamashumi amane edlule, noma enye into."

140 "Yebo, mnumzane." Ngathi, "Ngingathanda nje ukukubuza umbuzo." Ngathi, "Kanjani emhlabeni . . . Ngibona lawo ma-apula aseqathake kuleso sihlahla, futhi amaqabunga aso ayawohloka, futhi lapha kuphela kuphakathi kuka-Agasti." Futhi ngathi, "Asizange sibe ngisho nesibikezelo sokuphola, asizange sibe ngisho nesithwathwa noma nanoma yini, futhi nokho lawo maqabunga aphuma ayawohloka kuleso sihlahla. Kungani kunjalo na?"

Wathi, "Amanzi esihlahla ahambile esihlahleni."

"O," ngathi, "aye kuphi na?"

Wathi, "Phansi ezimpandeni."

Ngase ngithi, "Khona-ke azohlala isikhathi eside kangakanani lapho na?"

Wathi, "Kuze kube yintwasahlobo."

141 Futhi ngathi, "Khona-ke azobuya anyuke, futhi akunyusele amaqabunga amasha omthunzi, ama-apula amasha ukuba uwadle."

Wathi, "Kunjalo. Kunjalo ncamashi."

142 Ngathi, "Awu, ngifuna ukukubuza okuthile, mnumzane. Ukhuluma ngalaba bafo abangazi ukuthi bakhuluma ngani." Ngathi, "Ungake ungichazele ukuthi Buhlakani buni obenza lawo manzi esihlahla ashiye leso sihlahla na? Uma ehlale lapho bonke ubusika, isihlahla besizofa. Ubuzosibulala isihlahla. Imbewana yokuphila ikulawo manzi esihlahla." Ngakho ngathi, "Abeyosibulala isihlahla. Buhlakani buni obenza lawomanzi esihlahla aphume kuleso sihlahla, ehle angene ezimpandeni, futhi ahlale kuze kube yisikhathi sasentwasahlobo, bese ebuye anyuke futhi alethe amanye ama-apula futhi amaningi na?" Ngathi, "Faka amanzi ebhakedeni bese ulibeka esigxotsheni, futhi ubone uma, ngo Agasti, azokwehlela phansi esigxotsheni futhi abuyele phezulu ngesikhathi sasentwasahlobo. Niyabo?" Ngathi, "Kunomthetho othile, kunomthetho wemvelo. Obunye uBuhlakani bamisa lo mthetho ngokohlelo. Kungesikhona lokho kuphela, kodwa lobo Buhlakani obufanayo bufanele busebenzise lowo mthetho, obuwaqhubekelisa phansi angene empandeni yesihlahla, futhi abuye."

Wathi, "Angikaze ngibe nomcabango ngalokho."

143 Ngathi, "Ungakwazi yini . . . Uma ungake ukwazi ukuthola uBuhlakani obenza lawo manzi esihlahla ahambe esuka kulawo magatsha esihlahla, ehle angene ezimpandeni futhi abuye, yilobo Buhlakani obufanayo obangitshela khona ngapho ngalobo busuku, 'Hamba, ubeke lelodukuphezu kowesifazane.'"

Wathi, "Uyilowo mshumayeli na?"

Ngathi, "Yebo, mnumzane, kunjalo."

144 Ngonyaka odlule ngangingaleya (usehambile), futhi lapho umfelokazi wakhe wayehlezi egosini, ecwecwa ama-apula, asuka kuleso sihlahla esifanayo. Mfowethu . . . Kuqala babezosixosha, babengazi ukuthi sasingobani. Futhi ngahamba futhi ngamtshela ngakho, ukuthi sasinemvume kuye. Futhi samtshela ngakho, wathi, "Wavuma ngokugcwele uKristu ngaphambi kokuba afe."

145 Niyabo, yini eyenza leso sihlahla, yibuphi uBuhlakani obugijimisa lokho kwehle na? Umthetho. Umthetho uNkulunkulu awumisile. Futhi lowo mthetho ngumthetho kaNkulunkulu ozonakekela indaba. Amen.

146 Uyazi, angikhathali ukuthi ungamemeza kangakanani, futhi uthi—uthi manje, "Angeke likwenze, ilanga angeke lisakhanya kuleli hlobo." Lizokhanya, noma kanjani. Uzosho kangakanani ukuthi, "A—a—angizuvumela isikhathi sasebusuku sifike." Sizofika, noma kanjani. Ngoba lento esiphila kuyo, ebizwa ngomhlaba, ilawulwa ngumthetho kaNkulunkulu.

147 Manje, bazalwane nodadewethu, ngifuna ukunibuza okuthile. Khona-ke, uma sizelwe kabusha ngoMoya kaNkulunkulu! UNkulunkulu akanazo izingxenye ezincane ezibuthakathaka nezingxenye ezinkulu ezinamandla, UnguNkulunkulu ngakho konke! Futhi ubunokwenele kukaNkulunkulu phakathi kuwe, kwaze Kwaba isithunzi esincane impela nje, lawo ngamandla anele ukwenza umhlaba omusha. Amandla anele okwenza inyanga entsha nenqubo entsha. NguNkulunkulu, futhi kunamandla! Futhi khona manje lonke ikholwa eliphakathi lapha linokuPhila okuPhakade, okungukuthi, uMoya kaNkulunkulu uphakathi kuwe; aMandla anele azovusa abafileyo, azophulukisa abagulayo, azohlela ukuhamba imikhondo ezimweni. Kodwa wena, ulawulwa ngumthetho, lowoMoya ophakathi kuwe. Ningamadodana namadodakazi kaNkulunkulu. LowoMoya ofanayo onawo phakathi kuwe, uzokuvusa ngosuku lovuko.

148 UJesu, ngenkathi Wayelapha emhlabeni, ngenkathi Efa, umphefumulo waKhe wehlela esiHogweni, "Futhi washumayela kwimimoya eyayisekuboshweni, imiphefumulo esekuboshweni, engaphendukanga ekubekezeleleni kwezinsuku zikaNowa." Umzimba waKhe wangena ethuneni. Kodwa ngaphambi kokuba Afe, Wanikela uMoya waKhe ezandleni zikaNkulunkulu. UMoya waKhe waya kuNkulunkulu; Umphefumulo waKhe

waya esiHogweni; futhi umzimba waKhe waya ethuneni. Futhi uJesu wayevinjezelwe ekuvukeni kwaze kwaba umBhalo ungagcwaliseka. Wayengenakubuya, ngoba Wayefanele ahlale ethuneni izinsuku nobusuku obuthathu. Kodwa lapho umBhalo wonke ugcwalisekile, lomgoqo wasuswa; uMoya waKhe wehlela emphefumulweni waKhe, umphefumulo waKhe emzimbeni waKhe, futhi Wavuka futhi.

149 Futhi lapho sifa, imiphefumulo yethu izoya ngaphansi kwealtare likaNkulunkulu; lapho engaba nenhlahla ukubona khona, ukusa okumbalwa okwedlule, njengoba nazi, embonweni, lapho iBhayibheli likhuluma khona ngayo. "Imimoya yethu izoya kuNkulunkulu Owunikezayo, futhi imizimba yethu iyakubuyela othulini lomhlaba." Kodwa ngelinye ilanga, lapho umBhalo usugcwalisekile, imimoya yethu iyokhululwa isuka kuNkulunkulu, iyocosha umphefumulo, nomphefumulo emzimbeni. Futhi aMandla azosivusa, akithi ngqo manje! Manje sesisezindaweni zaseZulwini. Manje siseMandleni ovuko.

150 Uma wawungekho umthetho kulokho, amadodana namadodakazi kaNkulunkulu abeyozidalela izwe phandle lapha futhi ahambe ayophila impilo yangasese kulo. UnaMandla kuwe ukukwenza. Uma unethunzi laMandla kaNkulunkulu kuwena, unaMandla okukwenza. UNkulunkulu ungumninimandla onke. Niyakubona engikuqondile na? AMandla akuwe azokwenza. Ubungakhuluma izwe libekhona futhi uhambe uhlale kulo. Haleluya! Nakho lapho ukhona.

151 YilawoMandla aseBandleni manje, kodwa alawulwa umthetho. Futhi lowo mthetho awusikho "ukugcina isigejane semiyalo." Ngumthetho wokukholwa. UJesu wathi, "Zonke izinto ziyenzeka kulabo abakholwayo." Futhi uma ungakukholwa, noma yini uNkulunkulu azoholela umphefumulo wakho ukuba ukukholwe, lokho kungokwakho. Yonke indawo lapho amathe onyawo lwakho anganyathela phezu kwayo, ngokukholwa, uNkulunkulu ukunikeza yona. Amen! Ingeyakho, ungumniniyo, uma ungathola isihluthulelo kulomthetho wokukholwa esikuvulelayo. Niyabona ukuthi ngiqonde ukuthini na? LawoMandla alawulwa yi. . . Uma uyindodana kaNkulunkulu, uyindodakazi kaNkulunkulu, lokho akukushiyi neze. Kunawe ngaso sonke isikhathi. Kodwa, ukukholwa kwakho kuyasuka kuWo, kodwa Asekhona. Haleluya!

152 Uma usindisiwe, uNkulunkulu ukupha ukukholwa ukuba uvuke enkuncunkucwini yezwe. Ukukholwa kwakho kunqoba izinto zezwe. Yini ukukholwa kwakho na? Ukukholwa kwakho kuleso senzo uNkulunkulu asenzile kuwe, ukwenza wena ube indodana kaNkulunkulu. Wena uyeka ukuqamba amanga kwakho, uyeka ukweba kwakho, uyeka ukuphuza kwakho, ngoba ukukholwa kwakho kukhuphuka ngaphezu kwakho.

Amen. Uma ungakwenzi, awunakho ukukholwa. "Futhi ngokukholwa usindisiwe, futhi lokho ngomusa."

153 Okuningi ngangokukholwa kwakho okuzokhululwa, kungaMandla angako ongaba nawo, ngoba kuwe kuhlala aMandla okwenza amaZulu nomhlaba. UNkulunkulu uhlala kini, futhi ningamadodana namadodakazi kaNkulunkulu. Amen! Nakho laph'ukhona. Kodwa, ngukukholwa kwakho. UJesu wathi, "Ngokukholwa kwenu, makube kini. Uma ungakholwa, zonke izinto zingenzeka. Ngiqinisile, Ngithi kini, uma nithi kulentaba, 'Nqukuleka,' futhi ungangabazi, kepha ukholwa ngokushilo."

154 Khona-ke besifanele sibe uhlobo olunjani lwabantu, thina ukuba yilo, sinokukholwa kuloKristu omkhulu ohlengayo ohlala kithi, leliDwala elishayiweyo elingalokothi lishiye iBandla na? "Nginani njalo, ngisho nasekupheleni kwezwe," uBukhona obuhlale bukhona bempophoma enkulu yensindiso naMandla athululwa evela eKalvari engena eBandleni, uBukhona obuhlale bukhona bukaNkulunkulu ophilayo, ukugeleza okukhulu, iDwala elishayiweyo elihamba kanye nathi ohambweni lwethu.

155 U-Israyeli walahlekelwa ukukholwa kwakhe. Badeda endleleni. Baqala ukukhanukela izimbiza zenyama. Ukube babehlale nokukholwa, futhi bekholwa ukuthi uNkulunkulu wayezobayisa ezweni, kwakungebe nalutho olubavimbayo. Base bevele bevule izilwandle, babeshaye izinhlupho phezu kwezitha zabo, babebethele izitha zabo emva kwabo, futhi babehambe bawela bangena ezweni, futhi noma kunjalo ababanga nokukholwa kokuqhubekela esithembisweni.

156 UJoshuwa noKalebi babe nalokho kukholwa! Bathi, "Singaphezu kokukwazi ukunqoba noma yini eyofika phambi kwethu."

157 Yileyo inkathazo ngebandla. Singanqoba zonke izifo. SinaMandla kithi. Singamadodana namadodakazi kaNkulunkulu, akukho lutho olungema phambi kwethu. Into kuphela, Ufuna ukuthola umuntu-mumbe ozokukholwa, ozokholwa yilokho uNkulunkulu asekwenzele khona kakade. Hhayi ukuthi si*zoba*; sinjalo manje! Futhi uBukhona obuhlala buphila bukaMoya bunathi. Amen! Nakho lapho ukhona.

158 Yilokho engikuqondile ngenkathi ngikhuluma ngendaba kulokhu ukusa, *AManzi Ahlale Ekhona Njalo Avela EDwaleni*. AManzi ahlale ekhona njalo avela eDwaleni akhona lapha manje, lawoManzi ahlale ekhona avela kuleloDwala elishayiwe eKalvari. Ngenkathi lowoMoya oNgcwele waphuma kuYe eKalvari, lowo owabuyela eBandleni ngoSuku lwePentekoste, lowo Moya oNgcwele ofanayo ukhona kulokhukusa. Futhi Usinikeze isithembiso!

159 Yileso sizathu, uhamba phambi kwabantu abagulayo, ngenkathi engithuma ngaleya, ngiyakukholwa; UNkulunkulu

washo njalo! Yileyo ndlela imibono eyenzeka ngayo; uNkulunkulu wakwethembisa! UNkulunkulu akawaqambi amanga.

160 Kukholwe! Ufanele ukukholwe. Kufanele kube yiNto ethize lapho, vula lokho okuvimbela umoya, vula leyonto ukukungenisa kukho. Esikudingayo namhlanje akusikho ukukhulekela aMandla amaningi. UnaMandla anele okwenza umhlaba omusha. Okudingayo ngukukholwa ukuba usebenzise lawoMandla. Okudingayo ngukulawula lokho kuphila, futhi uphile impilo yokuhlonipha uNkulunkulu, ukuthi lapho ucela uNkulunkulu noma yini, uyazi! Sinethemba kuNkulunkulu, ngalokho. Siyazi, uma sigcina imiYalo yaKhe, Akayikusibambela okuhle, uma sihamba naYe. UNkulunkulu ehamba nathi. O, he!

161 Babenento eyodwa kuphela ukuba bayenze. Babenento eyodwa kuphela ukuba bayenze, lokho ngukuthi, hlala ngqo embangeleni. Ungazulazuli nga*lapha,* futhi uzulazule nga*lapho*; kodwa hlala embangeleni! IBandla linento eyodwa kuphela ukuba liyenze, ukuhlala embangeleni! BabeneNsika yoMlilo, ababenayo, ukuba bazigcine besembangeleni ngokulandela leyoNsika yoMlilo. Yilokho okwababahola. Umgomo wabo ababengawubona, kwakuyileyo Nsika yoMlilo. BaYibona isebenza ngoMose, futhi bazi ukuthi wayengumholi.

162 Namhlanje sineZwi. Silandela iZwi. Futhi sibona iZwi lisebenza kumakholwa, futhi siyazi ukuthi kunjalo, khona-ke. UNkulunkulu esebenza ngathi, eqinisekisa iZwi ngezibonakaliso zilandela! Sihlala neZwi. IZwi liveza imiphumela.

163 Bahlala noMose. Ngoba, iNsika yoMlilo, uMose walandela Leyo. Futhi balandela. Ngenkathi beqala ukuvukela uMose, futhi baqophisana noNkulunkulu nanoMose, baqala ukuzulazula ohlangothi olulodwa nolunye. Izinkathazo ziyangena. Impela.

164 Sihlala neZwi, futhi iZwi liveza izibonakaliso. UJesu wathi, "Lezi zibonakaliso ziyakubalandela abakholwa yiZwi." Niyabo, sihlala ne. . . Uhlala neZwi, iZwi liveza izibonakaliso. Kodwa, uMose, wenzani na?

165 Bazulazula, futhi benzani na? Bazulazula baphuma endleleni, futhi balahlekelwa ukuhlinzekwa ngamanzi kwabo.

166 Ngicabanga ukuthi yilokho okwenziwe yibandla namhlanje. Ngukuzulazula liphume endleleni yomBhalo. Baye baphumela ezimfundiswe-ze. Baye baphumela ezintweni ezincane abangafanele bazenze. Bazithathele izinto. Bazithathele izinto ezifana neSivumokholo sabaPhostoli. Ukutholaphi lokho eBhayibhelini na? Bazithathele ubukhathekizima abakufundayo. Bazithathele amahlelo esikhundleni sesehlakalo. Bazithathele ukuxhawulana esikhundleni sesehlakalo

sokuzalwa ngokusha. Bazithathele ukufafaza esikhundleni sombhaphathizo wamanzi. Bazithathele isimo esibi, "Yise, iNdodana, noMoya oNgcwele," lapho kungekho-nto enjalo eBhayibhelini. IBhayibheli lathi, "EGameni likaJesu Kristu!" Kunento eyodwa kuphela ukuba uyenze uma ufuna lawoManzi afanayo, buyela endleleni futhi. Buyela emuva e. . . Akazange ahambe; Uselapha. Uthatha izivumokholo esikhundleni sikaKristu. Uyazulazula uphumele ekuthukutheleni.

167 Omunye wathi, "Awu, ngiyiMethodisti."

Omunye uthi, "NgiyiBaptisti."

Lokho kubonisa ukuthi awusiye umKristu, khona-ke. SingabakaKristu! SingabaKhe.

Wena uthi, "Awu, uma mina, iBaptisti."

Uma lokho kuyikho kuphela oyikho, khona-ke awusiye okaKristu, uyiBaptisti.

Wena uthi, "Awu, ngiyiPentecostal."

Uma uyiPentekoste nje ngehlelo, yilokho kuphela oyikho.

168 Kodwa, uma unesehlakalo sepentekoste! Futhi iZwi lepentekoste lizoveza isehlakalo sepentekoste! Landela okufanayo labo bafundi abakwenza, hlala phezulu lapho uze ugcwaliswe ngoMoya oNgcwele.

169 Futhi-ke uma kungukuthi okutholayo kuphambena neZwi, lowo moya ophakathi kuwe uphambana nalokho iZwi elikushoyo, khona-ke akusiwo uMoya oNgcwele. Ngudeveli elingisa uMoya oNgcwele. Uyabona ukuthi siqhubekela kuphi na? O, abanye bethu bakhuluma ngezilimi, saba nokuhayiza nezinto ezinjalo, futhi senqaba zonke lezi ezinye izinto. Sivumele konke okwakungekho emBhalweni ukuba kungene ebandleni. Sifinyelele kuphi namhlanje na? Siphindela kolunye ugwadule, inhlangano eyome-nkwe. Sahlela, futhi salahlekelwa ngaManzi ethu. Yilokho kanye iPentekoste elakwenzayo. Ngenkathi liqala ukuhlela, laqala ukwephula inhlanganyelo, futhi lithi, "Awu, manje ngeke sisabambisana, uma lo mfo ekholwa yi*lokho*."

170 Qhubeka, uhlale naye aze eze eZwini leQiniso, ulwazi lweQiniso. Noma ngabe kukuphi, kuyeke kuhambe, noma kunjalo. Qhubekani nje, yibani njengabazalwane.

171 Kodwa, o, sadingeka sihlele, futhi sithi, "Awu, ngoba awusiye okaMunye, ngoba awusiye okaMbili, noma okaMthathu, noma ka*nje,* ngeke sibe nokuhlanganyela nawe." Khona-ke uma senza lokho, senzani na? Sizibuyisela emuva ngqo ogwadule futhi. Kunjalo!

172 Kodwa, khumbulani, ngenkathi u-Israyeli ezulazula esuka endleleni, endleleni ebheke ezweni lesethembiso, iDwala alizange libashiye; Lahlala lapho ngqo, kanjalo namanzi.

Kanjalo noMoya oNgcwele, uhlala lapho ngqo. Akudingeki ukuba sizulazule sibuyele emuva.

173 Manje, lapha uNkulunkulu usifundisa into enkulu. UNkulunkulu usifundisa lapha isifundo. UKristu washaywa kanye, esinikeza isehlakalo sepentekoste, esikhathini sinye, kubo bonke. Manje, ngenkathi leloDwala lashaywa, Alidingekanga ukuba lishaywe futhi. Lashaywa kanye kuphela.

174 UMose wenza iphutha ngokuLishaya okwesibili, ebonisa ubuthakathaka bokukholwa kwakhe ekuBuyisaneni. Kodwa ngenkathi uKristu eshaywa kanye, siyazi ukuthi ngeke Adingeke ukuba aphinde ashaywe. Awu, wayenzani uMose na? UMose wayemisa into entsha, ezama ukwenza into entsha.

175 Futhi yileyo ndlela abefundisi bethu basesontweni abenze ngayo namhlanje. Bazame ukwenza okuthile okusha. "Sizozenza i-Assemblies of God. Sizozenza iPentecostal Church of God. Sizozenza uMkhandlu kaZwelonke. Sizozenza *lokhu, lokho,* noma *okunye*." Akusikho lokho uNkulunkulu akwenza. Lokho kwakungesiwo umbono waKhe.

176 UKristu washaywa kanye. Lokho yisehlakalo sasekuqaleni. Leyo indlela yasekuqaleni. NgoSuku lwePentekoste, uPetru wathi, "Phendukani, yilowo nalowo, futhi nibhaphathizwe eGameni likaJesu Kristu."

177 "Thina sifafaza egameni lika 'Yise, iNdodana, uMoya oNgcwele,' sinikeze zonke izinhlobo zezivumokholo nakho konke okunye ngaLo." Uma siphuma eZwini, akumangazi ukuthi asifinyeleli ndawo. Niyabo?

178 UNkulunkulu usifundisa isifundo. UMose wayengafanele athi, "Manje sizoqala okuthile okusha lapha manje, futhi sizohlela futhi sizokwenza ibandla leKatolika." Yileyonto yokuqala abayenzile. Qhabo, khona-ke emva kwesikhashana, "Awu, sizoqala okuthile okusha kulokho, sizokwenza iLuthela." Khona-ke kufika iSheshi, khona-ke iBaptisti, nokunye futhi, nabakaCampbell, neChurch of Christ, nomphik'ukristu, nazo zonke ezinye izinto. Niyabo, bonke baqala ukuhamba, omunye emva komunye, omunye emva komunye, bakha amahlelo nezinhlangano. Lokho kwakungesikho. Niyabona lapho beya khona na? Bashaya iDwala futhi, ukuqala okuthile okusha. Asidingi imfundiso entsha.

179 Wonke umuntu eBhayibhelini wabhaphathizwa eGameni likaJesu Kristu. Wonke umuntu eBhayibhelini owathola uMoya oNgcwele, uza ngendlela kaNkulunkulu, ngayo kanye indlela uNkulunkulu akwenza kube yikho. Benza okufanayo. Babenesehlakalo esifanayo. Izibonakaliso ezifanayo zabalandela. Imisebenzi efanayo yabalandela. Ngani na? Bahlala ngaseDwaleni. Bathola aManzi afanayo.

180 Futhi, namhlanje, isizathu sokuthi sinezivumokholo eziningi kangaka namahlelo, kungenxa yokuthi siqala okuthile okusha. Asidingi lutho okusha. Buyelani emuva!

181 UMose wayengafanele aphinde ashaye iDwala, aqale okuthile okusha. Wayefanele akhulume kubo, ngeDwala lasekuqaleni. O, mina ngethemba ukuthi niyakuthola lokho! UMose wayefanele akhulume ngelasekuqaleni, iDwala elishayiwe; angazami ukuLishaya futhi, angazami ukuqala into entsha, kodwa ukukhuluma eNtweni endala!

182 Nkulunkulu, ngisize! Uma ngifa ngingumfokazana, epulpiti, ngizokhuluma ngeDwala lasekuqaleni! Ngizokhuluma ngesehlakalo sasekuqaleni. Ngizokhuluma ngemiBhalo yasekuqaleni eyabanika umbhaphathizo kaMoya oNgcwele, "Phendukani, yilowo nalowo, futhi nibhaphathizwe eGameni likaJesu Kristu kukho ukuthethelelwa kwezono, futhi niyakwamukeliswa isiphiwo sikaMoya oNgcwele." UBukhona obuhlale bukhona baManzi agelezayo evela eDwaleni busenathi. Buzoveza into efanayo. Buzoveza imibono. Buzoveza ukuphulukiswa. Buzoveza iziprofetho. Buzoveza zonke into abazenza.

183 Ngenkathi u-Israyeli esebuyile walayina emiBhalweni futhi, futhi wabuyela emgwaqeni, baqhubekela ezweni lesethembiso. Kodwa kubathathe iminyaka engamashumi amane.

184 Iphentekoste selibe cishe iminyaka engamashumi amane noma engamashumi amahlanu, lizulazula lijikeleza ehlane. Buyelani eDwaleni! Liyabonakala. Nakhu, kulotshiwe khona lapha eZwini. UMoya oNgcwele ulapha wenza into efanayo Ayekwenza njalo, ngakho uBukhona obuhlale bukhona baManzi bulapha. Nje buyelani kuKho, buyelani kokwedlule, okwasekuqaleni. Kwakunjani kokwaseqaleni na?

185 "Awu, baxhawulana nomshumayeli"? Ayikho into enjalo. "Babhaphathizwa egameni lika 'Yise, iNdodana, uMoya oNgcwele'"? Ayikho into enjalo. Akukho bantu eBhayibhelini, noma kuphi, noma (ngaphandle kweminyaka engamakhulu amathathu) ngaphandle kweBhayibheli, owake wabhaphathizwa egameni lika "Yise, iNdodana, uMoya oNgcwele." Leso isivumokholo seKatolika, hhayi imfundiso yeBhayibheli. Niyabo?

186 BabenoMoya oNgcwele. Lezi zibonakaliso zabalandela abakholwa. Kuzokwenza futhi namhlanje. LeloDwala lisalokhu liphila nje njengalokhu lalinjalo, leloDwala elishayiwe!

187 Asingasho ukuthi, "Awu, manje woza ngapha bese ujoyina ibandla lethu lePentecostal, ungene emazingeni ethu ePentecostal." "Qhabo, woza ngapha bese ujoyina iBaptisti, noma iMethodisti, noma iPresbyterian, noma iKatolika." Yini leyo na? Lelo iDwala eliphinde lashaywa futhi, ukuzama ukuqala okuthile okusha.

188 Batshele, "Phendukani, futhi nibhaphathizwe eGameni likaJesu Kristu," kukho ukuthethelelwa kwezono zabo, "futhi lezi zibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo." Manje senibuyele emgwaqweni, nibuyele eManzini afanayo. AManzi afanayo azonikeza ukuhlumelelisa okufanayo. Kuzonikeza ukushaya okufanayo emzimbeni. Kuzonikeza amandla okuhlanza afanayo. Kuzonikeza amandla okuphulukisa afanayo. Kuzokwenza into efanayo okwakwenza ngaleso sikhathi, uma kuphela sibuyela eMoyeni ofanayo.

189 Ukuphila emvinini wamamagilebhisi kuzothela izithelo zamagilebhisi. Uma kwakwenza ngonyaka odlule, kuzoletha into efanayo kulonyaka. Lowo ngumthetho kaNkulunkulu. Umthetho kaNkulunkulu ungukuthi, uma lona kungumvini wamagilebhisi, ushiye wodwa, uzokhiqiza amagilebhisi. Ungawubhastelisa ngaphakathi ngokunye okuthile, kodwa-ke ushiye wodwa futhi uzobuyela ngqo emagilebhisini afanayo futhi.

190 Ngakho siye sabhastelisa ngaphakathi ibandla ngobuPentecostal, ngobuBaptisti, ngobuMethodisti, ngobuPresbyterian, ngo—ngobuSheshi, nalo lonke olunye uhlobo lwezinkoleloze. Kungani ungakushiyi kodwa na? Buyela eMvinini, kuzobuyela eMandleni afanayo. Amen! Amen! Ngiyakuthanda lokho.

191 "Qala okuthile okusha." Into efanayo esiyenzile. Hhayi . . . zama ukukhombisa igunya lethu. "UDokotela *S'bani-bani* ungumsunguli webandla elikhulu eliwu*Kuthi-nokuthi* lika*s'bani-bani*." Ngakho, lokho kwakungesikho.

192 Yilokho uMose akusho, "Ngizobabonisa lokho engingakwenza. Ngizokuletha, noma kanjani!" WaLishaya, awazanga. Wampompoloza futhi, "Bonisa lokho engingakwenza!" UNkulunkulu wasebenzana naye ngalokho.

193 Anicabangi ukuthi, uma ni "bambelela nje kwelinye ihlelo." UNkulunkulu uzosebenzana nawe ngalokho. Lokho kunjalo impela. Uzofanele ubuyele kulokho okwasekuqaleni. Buyani.

194 Khuluma nabantu nje. (Ungabatsheli ukuthi, "Wozani nijoyine ibandla lethu. Wozani nisho izivumokholo zethu.") "Buyani futhi niphenduke, futhi nibhaphathizwe eGameni likaJesu Kristu, kukho ukuthethelelwa kwezono zenu; futhi niyakumukeliswa isiphiwo sikaMoya oNgcwele, uma inhliziyo yenu ilungile. Futhi lezi zibonakaliso ziyakuwalandela amakholwa. Iqembu lamakholwa, lezi zibonakaliso zizohamba nawo." Kungenxa yani na? IDwala, iDwala elishayiwe naManzi aKhe okuPhila azovela ngqo, eveza into efanayo Ayenza emuva lapho. Akukwazi nje ukuzibamba. O, yebo.

195 Sifuna ukubukisa, futhi sithi, "SiyiMethodisti, neBaptisti."

196 Vele ukhulume eDwaleni nje, UnguBukhona obuhlale bukhona. Ungazami ukuLijoyina. Ngaba ne "joyinti" ezansi

lapha. Ungazami ukuLijoyina. Awukwazi ukujoyina Leli, lokho yinto eyodwa qho. Ungayijoyina iMethodisti, ungayijoyina iBaptisti, ungawajoyina amaPentecostal, ungawajoyina amaSheshi, kodwa awukwazi ukujoyina Leli. Qhabo. Udingeka ugcwaliswe ngaLeli. UngaLijoyini; vele ugcwaliswe ngaLo. Yilokho kuphela. Ligcwaliswe ngani na? Ligcwaliswe ngaMandla, gcwaliswe ngoMoya, gcwaliswe ngokuPhila, gcwaliswe ngenjabulo, ukuthula, ukubekezela, ububele, ukulunga, aMandla kaMoya oNgcwele empilweni yakho, ngokuba uBukhona obungunaphakade bulapho. Khumbula.

Ngizodingeka ngivale ngoba sekuba leyithi.

197 Kodwa, khumbulani, leloDwala alizange libashiye. Alizange libashiye. Futhi uKristu akasoze asishiya; UKristu wathi, "Ngizoba nani njalo, kuze kube sekupheleni kwezwe." Ngabe kunjalo na? Futhi leloDwala lahlala kanye nabo yonke indlela kusukela eHorebe kuya eNebo. Lakwenza. Ezansi eJordani, Laliselokhu lilapho. O Nkulunkulu, ngifuna ukuLibona eJordani!

198 UMose, ngenkathi wayeseJordani, iDwala lalikanye naye yonke indlela. Futhi wayemi phezulu lapho, ebheke ezansi e—esigejaneni sabantu ababekade behlubukile futhi baphambuka basuka kuNkulunkulu. Inhliziyo yakhe yayibalangazelela. Futhi wabheka ngaleya eJordani. Nango lapho ayekhona eJordani. IJordani, ngokomoya, engikhuluma ngalo. Futhi nango lapho ayemi khona lapho, ukufa kwakwenyuka ngesihlakala sakhe. Kodwa wabheka, kulele lapho ngasohlongothini lwakhe futhi nakho kulele iDwala. Wavele nje wanyathela phezu kweDwala, futhi iziNgelosi ziyafika, zamthwala zahamba naye.

199 "Angisoze ngakushiya noma ngikulahle." Kungakhathaleki ukuthi izikhathi zibanzima kanjani, siba badala kanjani, ukuthi hlobo luni lokufa esilufayo, khumbulani, iDwala lizobe lilapho eJordani. Alisoze lishiye noma lilahle. Khumbula lokho nje. UBukhona obuhlale bukhona baManzi avela eDwaleni buzoba kanye nathi konke ezansi ekuphileni, futhi ngisho naseJordani.

200 Asikhothamise amakhanda ethu. [Umfowethu ebandleni unikeza umyalezo ngesiprofetho—Umhl.]

201 Ngenkathi lowo Moya usahamba phakathi kwethu, uMoya kaNkulunkulu uhamba phakathi kwethu, bengaba khona labo lapha kulokhukusa abangamazi uKristu, futhi a—awusondelene naleloDwala, hhayi ekukhulumisaneni naLo kulokhukusa na? Kodwa uyazi Likhona. Libuke Lisebenza yonk'indawo, Mbone ehambahamba, Libone lihamba phezu kwabantu. Lobo nguBukhona obuhlale bukhona baManzi. Leyo insindiso. Lowo nguMoya ogijimisa izindebe zabo baze bengabe besakwazi ukuthula nhlobo, kukhona okuzovela. Futhi awuMazi, ungathanda ukuphakamisa isandla sakho bese uthi, "Ngikhulekele, Mfowethu Branham. Manje ngifuna

ukuMazi. Futhi ngifuna ukukhuluma naYe, futhi ngifuna ukuMazi njengokugcwala koMoya waKhe. Ngifuna ukwazi ukuthi Ungasohlangothini lwami ngqo, sonke isikhathi. Ngiyakholwa ukuthi Ukhona. Kodwa ngifuna ukukhulumisana. Futhi ngomile, futhi ngilambele uNkulunkulu. Ngifuna ukwazi Yena kangcono"?

202 UNkulunkulu akubusise, mnumzane. Futhi uNkulunkulu akubusise, mnumzane. Nawe, mfowethu. Wena, ya, emuva le ngemuva. Phansi lapha, nenekazi, yebo. Yebo, nenekazi. Sibona izandla zenu, noNkulunkulu uyazibona. UNkulunkulu akubusise, nsizwa. UNkulunkulu akubusise. Nawe, nenekazi. Amen. UNkulunkulu akubusise. Busiswa, dadewethu. Omunye umuntu manje, ngomzuzwana wokuthula. UNkulunkulu akubusise, emuva le lapho, umfo omncane.

203 Cabanga ngakho. Cabanga ngakho, uBukhona obuhlale bukhona baManzi avela eDwaleni, lowoMoya ofanayo; ukuthi Wamemeza kakhulu lapho ngosuku lokuhlulelwa kwaKhe, ngenkathi Ethatha isahlulelo sethu. Futhi intonga kaNkulunkulu yolaka yashaya phezu kwaKhe, futhi izono zakho zasongwa kuleyo ntonga, futhi yaMshaya, neGazi laKhe namanzi agobhoza evela kuYe. Yena wathi, "Baba, Nginikela uMoya waMi ezandleni zaKho." Futhi ngoSuku lwePentekoste, Ufika ukuhamba nathi ohambweni. Futhi Ususeduze kakhulu manje.

204 Lapho uqalisa ukuphuma, futhi uzulazulele kude kakhulu neKhaya; uthi, "Nkosi, ngiz'eKhaya." Ngenkathi sisacula leli, uma ungathanda ukuhamba unyukele e-altare bese wenza ukuhlukanisa kabusha, futhi, komphefumulo wakho, kuKristu? Amen.

> Ngazula ngikude noNkulunkulu, (ngaceza endleleni)
> Manje ngiz'ekhaya;
> Indlela yokungakholwa (yisono) nginyathele isikhathi eside,
> Nkosi, ngiz'ekhaya.
>
> Ngiz'ekhaya, ngiz'ekhaya,
> Angisophinde ngizule;
> Vula kakhulu izingalo zaKho zothando,
> Manje, Nkosi, ngiz'ekhaya.

205 [UMfowethu Branham uqhubeka nokuhamisha, *Nkosi, ngiz'ekhaya*—Umhl.]

206 Abafana abancane abathathu bahamba ngqo bayaphuma, ngokushesha impela, izinyembezi emehlweni abo, baguqa phansi ngasohlangothini lwe-altare. Isizathu, bathethelelwe. Bathethelelwa ngaphambi kokuba baze bashiye izihlalo zabo, ngenkathi ingqondo yabo encane ibisicabangisisile. Beza

ngaphambili nje futhi baguqa phansi lapha, ukwazisa abantu ukuthi, basohlangothini lukabani, kulokhu ukusa.

207 Ngingacabanga ukuthi kungaba khona abanye abantu abadala ongathanda ukwenza lokhu, njengokuguqa phansi nje, futhi athi, "Nkosi, ngi—ngizule kude kakhulu ngasuka endleleni. Ngibe nokungabaza okuningi kakhulu, futhi ngezinye izikhathi ngazulazula phandle futhi ngangena esonweni. Manje ngi—ngifuna ukubuya ngaphambi kokuba kwedlule isikhathi kakhulu. Nkulunkulu, ngi—ngithanda ukuza. Ngithanda ngempela ukuza futhi ngiguqe phansi." Amen.

208 Manje, amantombazanyana amathathu ka-Arthur Beam, athi awalingane ngobukhulu, wona anyukela lapha, aguqa phansi.

209 Oza ngaphambili yintombazane encane esanda kumtholela umfowabo omusha omncane ekhaya. Ngolunye usuku ngangihlezi nje; uNkk. Wood ukhuphuka uyeza wase engitshela wathi lo dade wayeya esibhedlela ukuze abe nengane. UMoya oNgcwele wathi, "Hamba ubatshele ukuthi izoba ngumfana." Lapho isizelwe, kwakungumfana omncane.

210 Kubonakala sengathi ngabantwana kulokhukusa, abafo abancane beza bevela eklasini elincane likaDadewethu Arnold, behlukanisa izimpilo zabo. I-altare lonke, ngakwesokudla sami, ligcwele abantwana abancane.

211 Bekungaba kuhle uma singahlabelela ihubo, i-altare, kubo bonke abantu, (bekungebe njalo na?) abadala.

> Manje, Nkosi, ngiz'ekhaya.
>
> Ngiz'ekhaya . . . ? . . .
>
> Angisophinde ngizule;
> Vula kakhulu izingalo zaKho zothando,
> Manje, Nkosi, ngiz'ekhaya.

212 Asikhothamise amakhanda ethu umzuzwana nje, senzele umkhuleko, senzele laba bafo abancane.

213 Baba waseZulwini, uma kukhona ikusasa elizayo, uma uJesu eyakulibala eminye iminyaka eyishumi noma eyishumi nanhlanu, laba bazoba abafana namantombazane abazothwala loMlayezo uye kwezinye izizukulwane ezizayo. Akungabazeki engqondweni yami, Nkosi, kodwa lokho zonke izinsuku zokuphila kwabo ziyokhumbula ukunyukela kuleli-altare. Futhi bangamagugu amancane, Nkosi. Izinhliziyo ezincane nezithambile zilahlwa ngecala kulokhukusa. Hhayi ngisho ukuzwa wonke uMlayezo; basanda kuphuma nje egunjini, ekuzweni uDadewethu Arnold ekhuluma; benyuka ngase-altare lapha, benikela izimpilo zabo ezincane kuWe.

214 Manje, Baba, ngisanda kuqeda ukukhuluma nje ukuthi kithi kuhlala uMoya oNgcwele. Futhi loMoya oNgcwele, ukukholwa naloMoya, wenza zonke izinto. Futhi ngiyakholwa ukuthi lona

kanye lelihora, Uthethelela zonke izono abazenzile. Futhi ngicela Wena, ngakho konke ukukholwa okusenhliziyweni yami, ukuthi Uzogcina izimpilo zabo ezincane phansi emgwaqeni. Kwangathi bangalokothi baphambuke eNdleleni.

215 Lokhu ngempela into engavamile. UMoya uthe kulokhu ukusa, sizo "bona into ethize engavamile." Nkulunkulu, uma Usuyekile ukusebenzelana nabanye, thatha abantwana abancane. Kanjani kulokhukusa, ekubizeleni e-altare, akekho noyedwa omdala, kodwa lonke iqembu labantwana abancane liza lenyuka. Noma kunjalo, bekunguMlayezo omkhulu wokuqonda okunzima, ngisho nakwabadala, kodwa abantwana babambe uMoya waWo. SiyaKubonga ngabo, Baba. Ngibanikezela kuWe, njengenceku yaKho, njengemiqhele yalomhlangano; ngokuba, ukukhumbula ukuthi uBukhona obuhlale bukhona baManzi okuPhila buzogeleza nabo uma nje besaphila. Kwangathi bangaba nokukholwa manje nje kulokho nje okwenzekayo, ukuthi uNkulunkulu obadonse esihlalweni futhi wabathumela phezulu lapha, kwangathi bangaba nokukholwa kulowo Nkulunkulu zonke izinsuku zokuphila kwabo. Kwangathi imimoya yabo emincane ingalethwa kuWe ngosuku lokufa kwabo; babuyiselwe emzimbeni wabo ngosuku lovuko. BangabaKho, Baba. Sibanikezela kuWe ngeGama likaJesu.

216 Ngenkathi sisenamakhanda ethu ekhothame. Ngizocela bonke lababantwana abancane e-altare, okholwa ukuthi uJesu unguMsindisi wakho naLowo Okutshelilile, emuva lapho ezethamelini, ukuba unyukele lapha futhi uguqe phansi ngakuleli-altare. Uyakholwa ukuthi uJesu uyakuthanda futhi uthethelela isono sakho na? Ngifuna nina nonke nime ngezinyawo zenu futhi nibheke emuva lapha ezethamelini. Lokhu, yileyondlela ongatshela ngayo abantu ukuthi uyakholwa ukuthi uJesu uyakusindisa. Manje yima ngezinyawo zenu, kunjalo, lokho kukahle, futhi nibuke emuva ngqo ezethamelini. Nonke nina bafana namantombazane amancane athanda uJesu, sukumani futhi nibuke emuva ebandleni lapho, nonke.

217 Kuthiwani ngani mantombazane amancane lapha ngaphambili na? Niyakholwa na? Niyamthanda uJesu na? Lamantombazane amancane lapha, niyamthanda uJesu ngayo yonke inhliziyo yenu na? Niyamthanda na? NiyaMthanda na? UyaMthanda, s'thandwa na? Sukuma lapha, yazisa abantu ukuthi uyamthanda uJesu. UNkulunkulu akubusise.

218 Manje masiphenduke *ngale*ndlela futhi siculele laba bantu ngaphambi kokuba sihambe, "UJesu uyangithanda! Lokhu ngiyakwazi. IBhayibheli lisho njalo." Niyabo? Ake siphakamise izandla zethu nje njengoba sisalicula manje. Kulungile, asilicule.

UJesu uyangithanda! lokhu ngiyakwazi,
Ngoba iBhayibheli lisho njalo;
Abancinyane ngabaKhe,
Babuthakathaka . . .

219 Manje nezandla zenu ziphakeme, bangaki phakathi lapha abafuna—funa ukuba lapho na?

Yebo, uJesu uyangithanda,
Yebo, uJesu uyangithanda,
Yebo, uJesu uyangithanda,
IBhayibheli lisho njalo.

220 Manje nonke phindani emva kwami: [Abantwana e-altare baphinda emva kukaMfowethu Branham—Umhl.] Ngikholwa ukuthi uJesu Kristu uyiNdodana kaNkulunkulu. Namhlanje ngiyaMamukela njengoMsindisi wami siqu. Kusukela kulolusuku, kusukela manje kuqhubeke, ngizoMthanda futhi ngiMkhonze. Amen.

221 [Umfowethu ebandleni uthi, "Mfowethu Branham, nginabantwana abane enhliziyweni yami ngalesi sikhathi. Ungasiza ubakhulekele na?"—Umhl.] Impela ngizokwenza, Mfowethu Ben.

222 Baba waseZulwini, lomuntu ubona lowo abanye abantwana abancane beza kuKristu, futhi uyamemeza, njengobaba, ngabancanyana bakhe. Futhi uMoya olethe laba abancanyana e-altare, kwangathi lowo Moya ofanayo ungasindisa abantwana bakhe, Nkosi. Siphe khona. Siyabanikela kuWe, Baba, eGameni likaJesu Kristu.

223 Manje njengoba nina bafo abancane niphindela emuva esihlalweni senu, ngifuna wonke umuntu ongakulolohlu ukuba axhawulane nalaba bantwana abancane, noma abambambathe lapho besabuyela emuva. Nonke phindelani emuva ezihlalweni zenu, *ngale*ndlela. Futhi nivumele wonke umuntu ngapho ukuba ambambathe nje abafo abancane. Futhi siyanithanda ngazo zonke izinhliziyo zethu. Ningamalungu oMzimba kaKristu, kakhulu kuWo njengathi sonke.

Siyamasha siya eZayoni,
Enhle, iZayoni enhle;
Siyamasha siqonde phezulu eZayoni,
Lowo Muzi omuhle kaNkulunkulu.

Wozani, thina esithanda iNkosi,
Futhi mazaziwe izinjabulo zethu,
Joyinani eculweni ngokuzwana okumnandi,
Joyinani eculweni ngokuzwana okumnandi,
Futhi kanjalo sizungeza isihlalo sobukhosi,
Futhi kanjalo sizungeza . . .

Lokho ukucula okunamandla kakhulu! Masiphakamise izandla zethu manje.

Siyamasha siya eZayoni,
Enhle, iZayoni enhle;
Siyamasha siqonde phezulu eZayoni,
Lowo Muzi omuhle kaNkulunkulu.

Asixhawulane ngenkathi sisacula manje.

Siyamasha siya eZayoni,
Enhle, iZayoni enhle;
Siyamasha siqonde phezulu eZayoni,
Lowo Muzi omuhle kaNkulunkulu.

224 Manje asime namakhanda ethu ekhotheme, ngenkathi thina . . . Lidlale Mfowethu Teddy, nje i . . . [UMfowethu Branham uqala ukuhamisha elithi, *Siyamasha Siya EZayoni*—Umhl.]

225 Nginezicelo ezithile lapha, namaduku nokunye nokunye. Ngahle ukuba avela phesheya kwezilwandle. UBilly ubengitshela ukuthi babe nepheya lamabhuzwana evela kwingane encane ngaphesheya eNgilandi, athi awabe made ka*ngako*, into encane yonke ikhubazekile. Futhi ngakho besizokhulekela lokho, futhi.

226 Futhi ngakho . . . [Ebandleni, uMfowethu Ben uthi, "Mfowethu Branham, ngicela uxolo ngokugxambukela, kepha khulekela ukuthi, oshayise imoto yethu izolo ebusuku, kwifenda yangaphambili ngakwesokudla, khulekela ukuthi lokho kuzokwembulwa. Khulekela ukuthi iNkosi ikwembule."—Umhl.] Amen, Mfowethu Ben, ngiqinisekile ngizokwenza lokho.

227 [UMfowethu Branham uqhubeka nokuhamisha elithi, *Siyamasha Siya eZayoni*—Umhl.]

228 Njengoba sisamasha, Nkosi, siyazi ukuthi iDwala elishayiwe lihambisana nathi phakathi kwethu ngqo, uBukhona obuhlale bukhona bamaManzi avela eDwaleni buhamba neBandla. O Nkulunkulu oPhakade, sikhulule, kulokhu ukusa, ukukholwa kuloNkulunkulu onathi. Ngiyazi Uzokwenza, njengoba nje singathola umusa kuWe, ukuthi Ungasethemba ngaKho. Uma Ungasinika Khona ngokuchichima, singahle siKusebenzise ngokungesikho, Nkosi. Kodwa uma sithola umusa kuWe, makwenzeke.

229 Umfowethu uthe omunye umuntu ushayise imoto yakhe. O Nkulunkulu, siyazi ukuthi indoda ayinamali yokwenza lezi zinto. Ngikhulekela ukuthi Uzoletha umfo ngaphansi kokulahlwa yicala, noma into ethize, angahle aphenduke ekwenzeni lokhu, eze, athi, "Mfowethu, ngizoyilungisa imoto yakho, ngikwenzile." Siza uMfowethu Ben nabathandekayo bakhe.

230 Lapha okulele esandleni sami ngamaduku kanye nezicelo, sinokukholwa kulowo Nkulunkulu. UMose wayenokukholwa

kulowo Nkulunkulu, futhi wadabula ulwandle. UDaniyeli wayenokukholwa kulowo Nkulunkulu, futhi wakhishwa emphandwini wezingonyama. UShadiraki, uMeshaki, no-Abednego, babe nokukholwa kuYe, futhi bacima umlilo. UPawulu wayenokukholwa kuYe, futhi ngelinye ilanga lapho izinkonzo zazinzima kakhulu futhi uPawulu wayengafinyeleli kuwo wonke umuntu, wathatha nje iduku, wayesethi, "Ngiyakholwa ukuthi uNkulunkulu unami." Wabeka izandla zakhe phezu kwamaduku nezindwangu, futhi imimoya yobubi yahamba kubantu, futhi ukugula nezifo kwasuka kubo. Futhi, Nkulunkulu, nginokukholwa kuNkulunkulu ofanayo. Kwangathi ububi bungasuka. Ukugula, izifo, ukuhlupheka, kwangathi kungasuka, Nkosi.

231 Wena unguNkulunkulu ofanayo owakhuluma kimi phansi lapho eNsikeni yoMlilo, phansi emfuleni. NguWe onesithombe saKho silenga lapha nami, odongeni. Wena unathi, Nkosi. Uhlala ukhona, leyoNsika yoMlilo efanayo. Futhi siwajabulele aManzi avela eDwaleni nsuku zonke, njengoba sijoyina kuMoya. Khona-ke, Wena ulapha. Sinethemba kuWe, Nkosi. Sinokukholwa kuWe. Sikholwa ukuthi Uzosigcoba futhi usisize. Kungesikho okwenkazimulo yethu, Nkosi; besiyoba njengoMose khona-ke, ngenkathi enze into engalungile. Sifuna ukwenza okuthile ukusiza Wena, Nkosi. Yileyo inhloso yenhliziyo yethu, ukusiza Wena, uma singakwenza. Sibonise, Baba, noma yini Ofuna siyenze.

232 Futhi manje, phezu kwesenzo sokukholwa, ngilahla ukugula lamaduku akumele, nalezi zicelo. Kuzoshiya abantu. Ngiyazi Uyokwenza, Nkosi. Ngiyakukholwa, enhliziyweni yami, ukuthi Uzokwenza. Phulukisa konke ukugula okuphakathi kwethu kulokhu ukusa.

233 Sindisa labo abaphakamise izandla zabo, labo abathe bangathanda ukuza eDwaleni, ukuzela aManzi. Nkulunkulu, kwangathi bangoma kakhulu namhlanje, kwangathi kungaba nempilo enobusawoti ngakubo, kuze kuthi ibabangele ukuba bomele uKristu. Siphe khona.

234 Yiba nathi kulobubusuku, Baba. O Nkulunkulu, mangithole, ngalezi zicelo, okusezinhliziyweni zabantu. Uma kungekho lutho enhliziyo yabo, khona-ke, Nkosi, Wena ngiphe okuthile ukuba ngikushumayele ezinhliziyweni zabo kulobubusuku.

235 Busisa uMfowethu Neville, nomkakhe, umndeni wakhe; ibandla lethu elincane, abaphatheli bethu, abadikoni bethu, amalungu ethu. NoMzimba waKho ndawo zonke, yiba nathi, Baba. Sinikela lokhu ezandleni zaKho, eGameni likaJesu Kristu.

Zayoni; siyamasha siqonde phezulu eZayoni,
UMuzi omuhle kaNkulunkulu.

Manje ake silicule nje, impela, ngempela kuYe manje. Niyabo?

Wozani, thina esithanda iNkosi,
Futhi mazaziwe izinjabulo zethu,
Joyinani eculweni ngokuzwana okumnandi,
Joyinani eculweni ngokuzwana okumnandi,
Futhi kanjalo sizungeza isihlalo sobukhosi,
Futhi kanjalo sizungeza isihlalo sobukhosi.

Nezinhliziyo zethu zikhotheme manje.

Siyamasha siya eZayoni,
Enhle, iZayoni enhle;
Siyamasha siqonde phezulu eZayoni,
UMuzi omuhle kaNkulunkulu.

## Inothisi yelungelo langokomthetho

Onke amalungelo agodliwe. Lencwadi ingaprintwa kwiprinta yasekhaya yenzelwe okuqondene nomuntu noma inikezelwe, ngesihle, njengethuluzi ukusabalalisa iVangeli likaJesu Kristu. Lencwadi ingethengiswe, iphinde ikhiqizwe zibe ningi, iposwe kwiwebsayiti, igcinwe ngohlelo lokuthi iphinde itholakale, ihunyushelwe kwezinye izilwimi, noma isetshenziselwe ukuzicelela izimali ngaphandle kwemvume ebhaliwe eshiwoyo ye Voice Of God Recordings®.

Ngolwazi olwengeziwe noma olwenye impahla ekhona, siza uxhumane ne:

Voice Of God Recordings
P.O. Box 950, Jeffersonville, Indiana 47131 U.S.A.
www.branham.org